# OKUQUKETHWE


| | ISIFUNDO | IKHASI |
|---|---|---|
| | Ukukwazisa nemiyalelo | 3 |
| 1. | UJesu yilona esamthenjiswa kuTestamente Elidala | 4 |
| 2. | UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu ………………………. | 7 |
| 3. | UJesu unguNkulunkulu …………………………………. | 10 |
| 4. | UJesu wayengumuntu ongenasono ……………………… | 13 |
| 5. | UJesu uLizwi likaNkulunkulu ………………………….. | 16 |
| 6. | UJesu uyiWundlu likaNkulunkulu …………………… | 19 |
| 7. | UJesu unguMsindisi ……………………………………. | 22 |
| 8. | UJesu unamandla-onke …………………………………. | 25 |
| 9. | UJesu unguMnqobi wokufa …………………………….. | 28 |
| 10. | UJesu uyiNkosi …………………………………………. | 31 |
| 11. | UJesu unguManluleli …………………………………… | 34 |
| 12. | UJesu uyisipho esivela kuNkulunkulu …………………37 | |
| | Isimemo sokwamukela uJesu Krestu | 39 |


# UKUKWAZISA NEMIYALELO

Lezizifundo zokubhalelana zilungiselelwe abangazange bafundiswe iBhayibheli. Kanti futhi imiswe ngendlela enokubasiza labo asebelifundile iBhayibheli iminyaka.

**Injongo** yalezizifundo ukuchaza icebo likaNkulunkulu lensindiso, ukufundisa ekwazini iBhayibheli, nokukhuthaza umKrestu ukuze akhule emoyeni. Noma ngubani wamukelekile kulezizifundo.

Ngezikhathi zonke uma ufunda lezizifundo, **sebenzisa iBhayibheli** lakho. Funda ngokuqaphela olucashunwa eBhayibhelini oluvela esifundweni usafunda. Uma kunamazwi ongawaqondi eBhayibhelini nasesifundweni, wa-bheke kusichazimazwi.

**Ukushintsha kwedilesi.** Uma ushintsha idilesi lakho, mazise umqondisi wezifundo ZeBhayibheli. Lokhu kubalulekile kakhulu.

**Inombolo yomfundi.** Wonke umfundi ongenayo kulezizifundo unikezwa inombolo yakhe. Lenombolo ibalulekile ngoba yonke iminini-ngwane yakhe ifakwa phansi kwaleyonombolo. Uma ubhalela umqondisi ufanele ubhale **igama lakho, inombolo yakho nedilesi lakho.**

**Inombolo yakho yile:**_____________________________

ISIFUNDO 1

# UJESU YILONA ESAMTHENJISWA KUTESTAMENTE ELIDALA

**Ivesi lokukhujulwa ngekhanda:** *"Ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono."* IZenzo 10:43

**ISINGENISO**

Kulezizifundo eziyishumi nambili sizofonda amaqiniso amakhulu ngoJesu esiwathola eBhayibhelini eliyiZwi likaNkulunkulu. Eminyakeni engamakhulu ngaphambi kokuzalwa kukaJesu abaprofethi beTestamente Elidala bakhuluma udaba lomlayezo kaNkulunkulu bethi, uNkulunkulu uyo-thumela uMsindisi emhlabeni. Abagcinanga ngokuthi uyofika uMsindisi kodwa babuye basho izinto eziyokwenzeka empilweni yakhe.

Manje-ke make sibheke lelivesi lethu lekhanda, IZenzo 10:43. Ngesikhathi uPetru eshumayela esixukwini sabantu, wakhuluma lamazwi atholakala kulelivesi lethu. Wabakhumbuza ukuthi bonke abaprofethi bakhu-luma ngoJesu, manje ukusindiswa ezonweni sekuyatholakala ngokukholwa nguJesu.

Isifundo sokuqala kuzokuba esokufunda ngezinye zeziprofetho ze-Testamente Elidala mayelana noMsindisi esamthenjiswayo, besesibheka ku-Testamente Elisha ukuba sibone ukuthi leziziprofetho zagcwaliseka ngoJesu Krestu.

Sisenza lesisifundo sizokhumbula lokhu-abaprofethi beTestamente Eli-dala baphila bakhuluma eminyakeni engamakhulu amaningi engakazalwa uJesu. Bakhuluma njengabantu. Ababeyalwe nguNkulunkulu ngokomoya wakhe nezinto abazishoyo zagcwaliseka njengoba babeshilo.

**YAPROFETHWA INDAWO YOKUZALWA KWAKHE** *Mika 5:2*

UMika wawakhuluma lamazwi kusasele iminyaka engu-700 ngaphambi kokuzalwa kukaJesu. Akunakwenzeka ukuba umuntu abe nolwazi olungaka ngokwakhe. Lokhu wakwazi ngoba ekutshelwe nguMoya kaNkulunkulu. Manje vula iBhayibheli lakho ufunde kuMathewu 2:1-6. Yebo, uJesu ngu-yena owagcwalisa lesisiprofetho seTestamente Elidala.

**KWAPROFETHWA UKUTHI UZOZALWA YINTOMBI** *Isaya 7:14*

Siyazi ukuthi intombi yayingenakuzala umntwana ngaphandle kokuba kwenzeke ngamandla kaNkulunkulu. Yebo kwenzeka lokhu. KuLuka 1:26-35 siyafunda ukuthi noma uMariya wayeyintombi kwenzeka lokhu ukuba abe ngunina kaJesu.

Noma uJosefa wayaziwa ngokuthi unguyise kaJesu, iZwi likaNku-lunkulu liyasitshela ngokucacileyo ukuthi uJosefa noMariya abazange bahlale njengendoda nomfazi uJesu engakazalwa. Sifunda ngalokhu kuMathewu 1:18-25. Amazwi kaIsaya kwaze kwaphela iminyaka eminingi engaka-gcwaliseki. Kodwa ekuzalweni kukaJesu konke kwenzeka njengoba uNku-lunkulu ayethembisile ngoIsaya.

**KWAKUPROFETHIWE UKUTHI UJESU UYOGCWALISWA NGOMOYA ONGCWELE** *Isaya 42:1*

Uma sifunda iTestamente Elisha siyathola ukuthi lamazwi akhulunywa nguIsaya agcwaliseka. Ngempela uJesu wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. UMoya kaNkulunkulu ubizwa ngokuthi, nguMoya oNgcwele, eTestamenteni Elisha. Funda ngokucophelela kuJohane 1:32-34; noJohane 3:34-35.

**KWAPROFETHWA UKUDELWA KUKAJESU** *Isaya 53:3*

Iminyaka eminingi abantwana bakwaIsrayeli babembhekile uMsindisi ngenxa yamazwi kaIsaya nabanye abaprofethi. Kodwa bahluleka ukuqonda ukuthi uNkulunkulu wayezobathumela uMsindisi onjani. Babefuna uMsindisi owayezobasindisa ezitheni zabo zakulomhlaba, futhi abanike amandla ama-khulu nomcebo. UNkulunkulu yena wahlela ukuthumela uJesu ukuze asindise bonke abantu ezonweni. UNkulunkulu wayazi ukuthi uma uJesu enqaba ukwenza njengezifiso zabantu. eqhubeka nokubatshela ngezono zabo nesi-dingo sabo sokuphenduka UNkulunkulu wakwazi lokhu ukuba abantu bazo-mdela futhi bambethele. Lokhu kwakhulunywa kusasele iminyaka eminingi ukuba kufezeke ukuze kuthi uma sekwenzeka abantu bakholwe futhi baqonde ukuthi uJesu usigcwalisile lesisiprofetho. ETestamenteni Elisha siyafunda ukuthi abaphathi nabaholi bezenkolo bamzonda futhi bagcina ngokumbethela.

**KWAPROFETHWA UKUNGENA KUKAJESU EJERUSALEMA** *Zakariya 9:9*

Lesisiprofetho sichaza ngokusobala indlela uJesu ayongena ngayo eJerusalema ngodumo olukhulu – njengomuntu othobekileyo egibele ithole lembongolo. Manje funda kuMathewu 21:1-9. Lokhu futhi kwenzeka empi-lweni kaJesu njengoba basho abaprofethi endulo.

**KWAPROFETHWA UKUKHAPHELWA KUKAJESU** *IHubo 41:9*

Lelivesi liyasitshela ukuthi lowo owayezokhaphela uJesu kwakuzoba ngumuntu owayesondelene kakhulu noJesu. Lowomuntu kwakunguJuda iSkariyothi. Wayengomunye wabafundi bakaJesu iminyaka emithathu. Waye-ke ashumayele futhi. Kodwa inhliziyo yakhe kade ingalunganga noNku-lunkulu. Lelivesi KuJohane 12:4-6, sifunda ukuthi ngalesisikhathi uJuda wayeyintshontsha imali. Ngenxa yokuthanda kwakhe imali waze wanikela ngoJesu, ngakho-ke sagcwaliseka isiprofetho esikwiHubo 41:9. Funda ngoku-gcwaliseka kwaso kuMathewu 26:14-16 no 20-25.

## KWAPROFETHWA UKUFA KUKAJESU

Ziningi iziprofetho eTestamenteni Elidala ezikhuluma ngokufa kukaJesu kangangokuba singeke sazifunda zonke kulesisifundo esifushane kangaka. Kodwa-ke sizoke sithi ukubheka ezimbalwa. Okokuqala funda ngoku-bethelwa kukaJesu kuMathewu 27:27-50. Make sithi ukubheka ngezinye zeziprofetho kuTestamente Elidala ezaziprofetha ngalokho okwenzeka impela ngokufa kukaJesu.

1. Ukuthula kwakhe ngesikhathi kuthethwa icala lakhe. (Isaya 53:7 noMathewu 27:12-14)
2. Benzelana inkatho ngezingubo zakhe. (IHubo 22:18 noMathewu 27:35)
3. Wabalwa kanye nezoni. (Isaya 53:12 noMarku 15:27-28)
4. Abantu bembhinqa, bemeyisa. (IHubo 22:6-8 no Mathewu 27:39-43)
5. Izandla nezinyawo zakhe zahlatshwa (IHubo 22:16 noJohane 20:25) Uma umuntu ebethelwa ngesikhathi sikaJesu izandla nezinyawo zakhe zazibethelwa ngezipikili kulesosiphambano sakhe.
6. Ukukhala kwakhe kNkulukulu. (IHubo 22:1 noMathewu27:46)
7. Ukufa kwakhe esiphambanweni kwakungenxa yezono zethu. (Isaya 53:6 no-2 kwabaseKorinte 5:21)

## KWAPROFETHWA UKUVUKA KUKAJESU *IHubo 16:10*

Manje funda IZenzo 2:22-27. Ngesikhathi uPetru eshumayela ngosuku lwePentekoste wasebenzisa lesisihlabelelo njengobufakazi ukuthi uNku-lunkulu wayeprofethile ngokuvuka kukaJesu. Eseqedile uPetru ukushumayela abantu abaningi babona ukuthi uJesu uzigcwalisile leziziprofetho zeTe-stamente Elidala. Bakholwa-ke ukuthi impela uJesu unguye uMsindisi owayethenjisiwe. Ngalolosuku cishe babeyizinkulungwane ezintathu abantu abaphenduka bamamukela uJesu njengeNkosi noMsindisi wabo. Ngokwenza kwabo lokhu bamukeliswa ukuthethelelwa kwezono nokuphila okuphakade.

## IBANESIQINISEKO SOKUBA UFUNDE WONKE LAMAVESI

| | | | |
|---|---|---|---|
| iZenzo 10:43 | uMika 5:2 | uIsaya 53:3, 6-7, 12 | |
| uMathewu 2:1-6 | iHubo 41:9 | uMathewu 27:12-14 | |
| uMathewu 27:27-50 | iZenzo 2:22-27 | uIsaya 7:14 | ngokukaLuka 1:26-35 |
| uMathewu 1:18-25 | uZakariya 9:9 | uJohane 12:4-6 | iHubo 22:1, 6-8, 16, 18 |
| uMarku 15:27-28 | uIsaya 42:1 | uJohane 1:32-34 | uMathewu 21:1-9 |
| | uJohane 20:25 | iHubo 16:10 2 kwabaseKorinthe 5:21 | |
| uMathewu 26:14-16, 20-25 | | | |

ISIFUNDO 2

# UJESU UYINDODANA KANKULUNKULU

**Ivesi lokukhujulwa ngekhanda:** *"Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo."* Mathewu 3:17

## ISINGENISO

Kulesisifundo sizofunda ngalokho okushiwo yiBhayibheli njengalokho uJesu eyindodana kaNkulunkulu ngendlela ekhethekileyo. Kukhona abantu abathi: "Siyavuma ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, siyavuma ngoba bonke abantu bangamadodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu usidalile sonke, ngakho-ke unguBaba wethu sonke."

Lokhu okungenhla akusikhona okufundiswa yiBhayibheli mayelana noJesu njengeNdodana kaNkulunkulu. Sizobona ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi uJesu uyiNdodana ezelwe yodwa kaNkulunkulu. Akekho, akazange abekhona, futhi angeke abekhona oyothintana noNkulunkulu njengoJesu.

## UJESU WAYENGENAYE UYISE NGOKWENYAMA

Funda ngokucophelela kuMathewu 1:18-25 noLuka 1:26-35. Kulama-vesi sifunda lokhu okulandelayo. uJosefa noMariya babethembisene umshado. Ingelosi uGabriyeli yabonakala kuMariya yamtshela ukuthi uzozala umntwana. Wathi lokhu akunakwenzeka kuye ngoba yena wayeyintombi. UGabriyeli wamtshela ukuthi uMoya oNgcwele uzomsibekela nokuthi umntwana ozozalwa uyoba yiNdodana kaNkulunkulu. Ngesikhathi uJosefa esebonile ukuthi uMariya ukhulelwe wahlela ukwephula isethembiso somshado. Ingelosi yabonakala kuJosefa yamchazela ephusheni ukuthi kwenzeke kanjani ukuba uMariya abe nomntwana. UJosefa wayesemthatha-ke uMariya abe ngumkakhe, kodwa-ke abazange bahlale ndawonye njenge-ndoda nomfazi kwaze kwazalwa uJesu. Siyabona-ke ukuthi uJesu waye-ngenaye uyise ngokwenyama, ngoba uMariya wakhulelwa ngokukaMoya oNgcwele.

## INGELOSI UGABRIYELI YATHI UJESU UYINDODANA KANKU-LUNKULU

Funda futhi kuLuka 1:35. Manje uzibuze lombuzo: "Ngokwamazwi engelosi uGabriyeli, ungubani uJesu na?" Ngokusobala yinye impendulo ... uJesu yiNdodana kaNkulunkulu. Abanye abantu bacabanga ukuthi bahla-lkaniphile, bavusa imibuzo ngoJesu. Ingelosi eyayivela ezulwini enoku-lakanipha okudlula okwabanlu yayingangabazi ngalokhu Wazi ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu.

## UJOHANE UMBHABHADISI WAFAKAZA UKUTHI UJESU UYI-NDODANA KANKULUNKULU

Vula kuJohane 1:29-34 uzifunde lezizindawo. UNkulunkulu wamthu-mela uJohane uMbhabhadisi ukuba alungise izinhliziyo zabantu ukuba bamamukela uJesu uMsindisi owathenjiswayo. Wakwenza lokhu ngoku-babizela ekuphendukeni abantu. UNkulunkulu wamtshela futhi uJohane indlela ayezombona ngayo uMsindisi owathenjiswayo uma esefikile. Waye-zomazi kanjani na? Funda futhi ivesi 33. Ngesikhathi uJohane ebona uMoya oNgcwele ehlela kuJesu wazi ukuthi uJesu nguMsindisi owayethenjisiwe. Futhi wafakaza ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, v34.

## UNKULUNKULU UQOBO WAFAKAZA UKUTHI UJESU UYI-NDODANA YAKHE

Lamavesi asifundisa ngokucacileyo ngalendaba: UMathewu 3:16-17; Mathewu 17:5; Marku 9:7 noLuka 9:34-35. Abafundi baqonda kahle ka-mhlophe ukuthi lelolizwi abalizwayo kwakungelikaNkulunkulu. Emva kwe-minyaka eminingi uPetru wabhala ngezinto ezenzeka eNtabeni Yokukha-imuliswa, wathi uJesu wathola udumo nenhlompho kuNkulunkulu uYise. Balizwa izwi lithi: "Lona yiNdodana yami ethandekayo, engithokoza ngayo" 2 Petru 1:17-18.

## OMOYA ABABI BAFAKAZA UKUTHI UJESU UYINDODANA KA-NKULUNKULU

Kukhona izindawo eziningi lapha eBhayibhelini lapho omoya ababi bafakaza khona ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ake sibheke eyo-dwa noma ezimbili zalezizindawo. Funda uLuka 8:26-39. Kulezizindawo omoya ababi bafakaza uJesu uNgonamandla phezu kwabo. Vula futhi kuMarku 1:23-27. Qaphela, uJesu watshela omoya ababi ukuba bathule. Wayengafuni ukuba abagcwaliswe ngomoya ababi bashumayele ngaye. Ngubani okumele asho ngoJesu? Funda futhi (kuLuka 8:39). Impilo yomuntu yenziwe ngempela ngamandla ka Jesu.

## ABAFUNDI BAFAKAZA UKUTHI UJESU UYINDODANA KA-NKULUNKULU

Funda kuMathewu 16:13-17 noJohane 6:67-69. Abafundi base behlale noJesu cishe iminyaka emithathu. Babeyibhekisisile impilo yakhe. Bamuzwa futhi efundisa izinto eziyisimangaliso. Bayibona impilo yakhe engenasono. Bazibona izimangaliso azenzayo. Ngenxa yalezizinto bazi kahle ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu uqobo.

**UJESU UQOBO WAZIFAKAZELA UKUTHI UYINDODANA KA-NKULUNKULU**

Ngesikhathi kuthethwa icala likaJesu abantu bahluleka ukuthola ofakazi ababengaqinisa ukuthi uJesu sikhona isono asenzile. Emva kwalokho ba-mbuza: "Wena unguye uKrestu, iNdodana yobongekayo na?" UJesu wani-keza impendulo eqondile, wathi nginguye (Marku 14:60-62). Uma uJesu waphendula ngokuthi akayona, mhlawumbe wayezosinda ekubulaweni. Akavumanga ukuqamba amanga. Wayefuna ukuba abantu bazi ukuthi ungubani … iNdodana kaNkulunkulu.

**UKUVUKA KUKAJESU KWABAFILEYO KWAMFAKAZELA UKU-THI UYINDODANA KANKULUNKULU**

Ngesikhathi uJesu esenabafundi bakhe wabatshela kaningi ukuthi uzobulawa, kodwa abuye avuke ngosuku lwesithathu. (Mathewu 16:21; Johane 2:18-22; Johane 10:17-18). Izitha zakhe nazo zawezwa lamazwi. Kungakho zazama konke okusemandleni azo ukuba zikuvimbe ukuvuka kukaJesu ukuba kungenzeki. Zabeka itshe elikhulu emlonyeni womhume lapho isidumbu sikaJesu sasingcwatshwe khona. Babeka uphawu phezu kwetshe. Babeyiziwula! Amandla omuntu ayengenakuvimba umsebenzi ka-Nkulunkulu. UJesu wavuka kwabafileyo njengoba ukuvuka kwakhe kwamfakazela ukuthi wayekhuluma iqiniso. Kwafakaza futhi ukuthi impela uyiNdodana kaNkulunkulu. (KwabaseRoma 1:4)

Yebo, iBhayibheli likhuluma kucace ngoJesu. WayeyiNdodana ka-Nkulunkulu, futhi useyiyo namanje. Ukuphikisa lokhu kungukuphikisa iZwi likaNkulunkulu. Masilamukele iqiniso lokuthi uJesu ungubani, simethembe njalonjalo ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu noMsindisi.

**IBANESIQINISEKO SOKUBA**
**UFUNDE WONKE LAMAVESI**

uMathewu 3:16-17 uLuka 1:26-35 uMathewu 17:5 uLuka 9:34-35
uMathewu 16:13-17, 21 uLuka 8:26-39
uMarku 14:60-62 uJohane 10:17-18 uMathewu 1:18-25
uJohane 1:29-34 uMarku 9:7 2 uPetru 1:17-18
uMarku 1:23-27 uJohane 6:67-69 uJohane 2:18-22
kwabaseRoma 1:4

ISIFUNDO 3

# UJESU UNGUNKULUNKULU

**Ivesi lokukhujulwa ngekhanda:** *"Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu uLizwi wayenguNkulunkulu."* Johane 1:1

## ISINGENISO

Kulesisifundo sizothola ukuthi uJesu unguNkulunkulu uqobo. Mhla-wumbe uthi: "Angiyiqondi-ke lento. UJesu angaba kanjani yiNdodana kaNkulunkulu abuye abe nguNkulunkulu futhi?" Ekuqaleni-nje kwalesisi-fundo kudingeka siyiqondisise kahle lendaba: uNkulunkulu mkhulu kune-zingqondo zethu. Siyazingo Nkulunkulu ngoba uNkulunkulu ekhethe uku-zibonakalisa kithi. Asimazi uNkulunkulu ngenxa yokwethu ukuhlakanipha. Ku-1 KwabaseKorinte 1:21, sifunda lamazwi: "Izwe alimazanga uNkulu-nkulu ngokuhlakanipha kwalo." Kuyinjongo yethu kulezizifundo ukuba si-funde lokho uNkulunkulu asifundisa khona ngoJesu. Sizobona ukuthi iBhayibheli lisifundisa ngokusobala ukuthi uJesu unguNkulunkulu.

## SITSHELWA NGOKUSOBALA UKUTHI UJESU UNGUNKU-LUNKULU

Ake sithole amavesi aMabili asitshela lokhu. Eyokuqala nguJohane 1:1, okuyivesi lethu lekhanda. Sesifundile ukuthi **uLizwi** kushiwo uJesu. Lelivesi lisitshela ukuthi: **"uLizwi wayenguNkulunkulu."** Ukuphika ukuthi uNku-lunkulu noLizwi (uJesu) bangumuntu munye ukuphika iqiniso leBhayibheli uqobo.

Indawo yesibili esifanele ukuyifunda eyabaseRoma 9:5. Lendawo ikhuluma ngabantwana bakwaIsrayeli ngendlela abamukela ngayo umthetho nezithembiso zikaNkulunkulu. Isitshela ukuthi ngokwenyama uJesu wazalwa yisizwe sabo. Ngamanye amazwi, ngokwabantu uJesu wayaziwa ngokuthi ungumIsrayeli. Ukuze bonke abantu baqonde ngesimo nemvelo kaJesu kwenezelelwa maqondana noKrestu ukuthi ngaphezu kwakho konke ungu-Nkulunkulu ngunaphakade. (Fil 2:9-11)

Iqiniso lokuthi uJesu unguNkulunkulu alitholakali kulezizindawo ezimbili kuphela. Sizofunda nezinye izindawo eziyicacisa kahle imvelo nesimo sikaJesu.

## AMANDLA KAJESU OKUTHETHELELA IZONO ABONISA UKU-THI UNGUNKULUNKULU

Zonke izono ziphikisana noNkulunkulu. Kudala inkosi uDavide yatha-ndaza kuNkulunkulu yathi: "Ngonile kuwe wena wedwa" (IHubo 51:4). Umuntu ongathethelela izono ilowo owoniweyo kuphela. Sizobona ukuthi uJesu wayenamandla okuthethela izono. (Marku 1:1-12). Kulelivesi sifunda izinto eziningi. UJesu watshela indoda ukuthi izono zayo zithethelelwe. Izitha zika-Jesu zathi nguNkulukulu kuphela onamandla okuthethelela izono. Babeqinisile kulokho. ElingelikaNkulunkulu kuphela. UJesu wayesephilisa umuntu ukuze abonakalise kubantu ukuthi unamandla okuthethelela izono.

Make siyicabange ngalendlela lendaba. Mhlawumbe kukhona indlu ekhiyiwe. Siyazi ukuthi munye kuphela ukhiye emhlabeni wonke ongavula lendlu. Asikaze simbone umninindlu, kodwa siyazi ukuthi yena unawo ukhiye. Uma sibona umuntu eza kulendlu athathe ukhiye avule emnyango khona singazi ukuthi uyena lona umninindlu. Siyazi ukuthi uNkulunkulu kuphela ongathethela izono. Ngakhoke uma sibona uJesu eza namandla okuthethelela izono siyazi ukuthi uJesu unguNkulunkulu.

## UJESU WAZINIKA ILUNGELO ELILINGANAYO NONKULU-NKULU

UJesu ukubeka ngokusobala ukuthi abantu badinga ukuba bamhloniphe njengoba behlonipha uNkulunkulu. (Johane 5:23). Uma ufunda kusukela kuvesi 17, uzothola ukuthi amaJuda ayefuna ukumbulala. Ayethi yena ufundisa ukuthi uyalingana noNkulunkulu. (Johane 5:18). Uma uJesu waye-ngalingani noNkulunkulu wayezobasiza kulelophutha. Wayezobatshela ukuthi abamuzwisisanga kahle, abatshele ukuthi akalingani noNkulunkulu. Wakwenza lokhu na? Qha. Esikhundleni salokho uJesu wabatshela ukuthi: "Bonke abantu bamelwe ukuyihlonipha iNdodana njengoba behlompha uYise." (vesi 23).

Futhi ukulingana kukaJesu noNkulunkulu sikuthola kufundiswa kwabaseFilipi 2:6. Lelivesi lisitshela ukuthi uJesu wayenesimo sika-Nkulunkulu engakezi lapha emhlabeni. UJesu akakubonanga kuwuthatha into engeyona eyakhe uma ethi yena uyalingana noNkulunkulu.

## UJESU WAKWAMUKELA UKUKHONZWA NJENGONKULUNKU-LU

KwiZenzo 14:8-18, sifunda ukuthi uPawulu beno Bamabas babe-shumayela eListra. Ngamandla kaJesu baphilisa umuntu owayeyisishosha. Abantu ababona lokhu babefuna ukumkhonza uPawulu noBamabas. Babe-kholwa ukuthi labo abanalamandla bangoNkulunkulu. UPawulu beno-Barnabas balilungisa ngokushesha leliphutha ebantwini, babatshela ukuthi

bona bangabantu njengabo. Benza into ababemelwe ukuyenza.

Ngesikhathi uMphostoli uJohane ebona umbono wezulu ewa phansi ukukhuleka kulowo owayekhuluma naye watshelwa ukuthi angakwenzi lokho. NguNkulunkulu kuphela ofanele ukukhonzwa. (Isambulo 19:10)

Lomuntu owakhuluma noJohane akavumanga ukukhonzwa ngoba wayazi ukuthi nguNkulunkulu kuphela ofanele ukukhonzwa. Wenza lokho okwakufanele ukuba akwenze.

Funda manje kuJohane 20:27-29. Emva kokuvuka kwakhe uJesu wazibonakalisa kuTomase. Uma uTomase esebonile ngempela ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo wathi: "Nkosi yami, Nkulunkulu wami." UJesu wamphi-kisa kulokhu na? Qha. UJesu wawamukela lamazwi. Wakwenza lokhu ngoba wavenguNkulunkulu.

**UNKULUNKULU WAYEKUKRESTU**

Kwesinye isikhathi abantu abafuni ukumhlonipha uJesu njengoba behlonipha uYise. Baye bahlekise bathi: "Uma uJesu enguNkulunkulu kusho ukuthi uNkulunkulu wafa esiphambanweni." Okuseqinisweni iBhayibheli lisifundisa lokho. Ku-2 Korinte 5:19, sitshelwa ukuthi: "UNkulunkulu eku-Krestu wenza ukuba izwe libuyisane naye."

Siyafunda ngalokhu futhi kuZenzo 20:28. uPawulu wayekhuluma namalunga ebandla lase-Efesu. Wabatshela indlela ababefanele banakekele ngayo umhlambi oyibandla likaNkulunkulu azithengela lona ngegazi lakhe. Uma uyifunda ngokuqaphela lendaba uzothola ukuthi uPawulu ukhuluma ngoNkulunkulu. Ukhuluma ngebandla ukuthi yibandla likaNkulunkulu, abesenezelela ngokuthi: "Azizuzele lona (UNkulunkulu) ngegazi lakhe."

Ziningi izinto izingqondo zethu ezingaziqondisisi. Uma sibuka ngapha nangapha kwethu sibona izinto eziningi ezingaphezu kwengqondo yethu. Uma singaziqondi lezizinto ezadalwa nguNkulunkulu singaba siyiziwula uma singathi siyaziqonda izinto ezijulileyo ZikaNkulunkulu. Kodwa-ke lezo asifu-ndisa zona sinokuziqonda. Sibonile ukuthi iBhayibheli lisifundisa ngo-kusobala ukuthi uJesu unguNkulunkulu. Singeke sayiqondisisa lento ngo-kwegqondo, kodwa singakholwa yiyo, ngoba kumfanele uNkulunkulu ukuba eze emhlabeni embethe inyama aphile phakathi kwethu, afele, izono zethu ukuze sibe nokuphila okuphakade ngokukholwa nguye.

**IBANESIQINISEKO SOKUBA**
**UFUNDE WONKE LAMAVESI**

| | | |
|---|---|---|
| 1 kwabaseKorinthe 1:21 | uJohane 1:1 | kwabaseRoma 9:5 |
| kwabaseFilipi 2:9-11 | amaHubo 51:4 | uMarku 2:1-12 |
| uJohane 5:17-23 | iZenzo 14:8-18 | iSambulo 19:10 |
| 2 kwabaseKorinte 5:19 | iZenzo 20:28 | uJohane 20:27-29 |

ISIFUNDO 4

# UJESU WAYENGUMUNTU ONGENASONO

**Ivesi lokukhunjulwa ngekhanda:** *"Ngokuba asinaye umPristi omkhulu ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu, kepha olingiwe kukho konke njengathi engenasono."* AmaHeberu 4:15

## ISINGENISO

Esifundweni sesibili nesesithathu sifunde ngobuNkulunkulu bukaJesu. Sibonile ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu kanti futhi unguNkulunkulu. Kulesisifundo sizofunda ukuthi iBhayibheli lisifundisa ukuthini ngobuntu bukaJesu. Sizobona ukuthi uJesu wayengumuntu njengathi ehluke nje ku-phela ngokuthi wayengenasono. Uma sizoqonda ngesimo nemvelo kaJesu sidinga ukuba sikhumbule ukuthi wayenguNkulunkulu futhi eyiNdodana. (Johane 10:30; AbaseFilipi 2:5-8)

Make siyicabange ngalendlela lendaba. Nangu umuntu uphethe u = 10c ohlangene esandleni sakhe. Uyazi ukuthi uyimali eyodwa. Uyazi futhi ukuthi lemali inezinhlangothi ezimbili. Imvelo kaJesu ingalinganiswa kanjalo-ke nayo. Imvelo kaJesu yinye, kodwa inezinhlangothi ezimbili – eyobuNkulu-nkulu neyobuntu.

Sisafunda ngobuntu bukaJesu, masingakhohlwa ukuthi futhi ungu-Nkulunkulu.

## UJESU WAYENGUMUNTU

Sibonile esifundweni sethu esidlule ukuthi iBhayibheli lisifundisa ukuthi uJesu unguNkulunkulu. Manje make sibheke ezinye izinto iBhayibheli elisitshela zona ezenza ukuba sibone ukuthi wayengumuntu futhi.

1. UJesu wayezelwe owesifazane njengathi. Noma uYise kwakungu-Nkulunkulu kodwa wayesesiswini sikaMariya. Wazalwa njengabo bonke abanye abantwana. KwabaseGalathiya 4:4; Luka 1:31; 2:6-7.
2. Umzimba kaJesu wawufana nowethu. Siyakwazi lokhu ngenxa yale-zizizathu ezilandelayo.
    (a) Wakhula esuka ebuntwaneni waze waba yindoda njengabantu bonke. (Luka 2:52)
    (b) Wayenxanwa, futhi elamba njengabanlu bonke. (Mathewu 4:2; Johane 19:28)
    (c) Wayekhathala njengabantu bonke. (Johane 4.6)
3. Imizwa kaJesu yayifana neyabantu bonke.
    (a) Wabanosizi ngokufa komngane waze wakhala. (Johane 11:34-36)
    (b) Wabanesihe ngalabo ababelambile. (Mathewu 9:35-36)
    (c) Wacasuka wathukuthela ngenxa yezono zabantu. (Marku 3:5)

## NJENGOMUNTU UJESU WALINGWA NJENGATHI

UJesu ubizwa ngokuthi unguMpristi wethu omkhulu. (AmaHeb 4:14-15). Liqhubeka lithi walingwa kukho konke njengathi. Masingacabangi ukuthi uJesu walingwa kuphela ngesikhathi uSathane efikakuyena ezilile izinsuku ezingamashumi amane. UJesu walingwa izikhathi eziningi nange-zindlela eziningi futhi.

Ngesinye isikhathi uSathane walinga uJesu ngoPetru, omunye wabafundi bakhe. Ngesikhathi uJesu echazela abafundi bakhe ukuthi uzakuhlupheka, abulawe, uPetru wamkhuza. UPetru watshela uJesu ukuthi leyonto ingeke yenzeke kuye. USathane wayesebenzisa uPetru ukuba alinge uJesu ukuba akugweme ukufa kwasesiphambanweni. Uma uSathane wagcina ephumelele ngokuvimbela uJesu ukuba angafi esiphambanweni yayingeke ibekhona insindiso kubantu. UJesu wayiqondo kahle into uSathane ayezama ukuyifeza ngoPetru. Kungakhonje uJesu akhuluma noPetru ngalendlela. (Mathewu 16:21-23). Sonke sidinga ukuyiqonda lento. Kukhona izikhathi lapho uSathane azosilinga khona ngabangani bethu ukuze asiphambukise enta-ndweni kaNkulunkulu.

Kukhona okunye esifanele ukukwazi ngokulingwa kukaJesu. Aka-vumanga ukuzilwela ngawakhe amandla esilingweni. Ngesikhathi eselambile uSathane wamlinga wathi makaphendule amatshe abeyisinkwa. UJesu waye-nawo amandla okukwenza lokhu. UJesu akavumanga ukusebenzisa awakhe amandla ekwenzeni sibelula isilingo sikaSathane. Ngenxa yani na? Ngoba wayeyoba akalingwanga ngendlela esilingwa ngayo thina. Ngakhoke waye-yoba akayena omele thina. Phela, umuntu olambile angeba agqekeze abeseziphendulela ngokuthini: "Yebo ngesikhathi uJesu eselambile waphe-ndula amatshe abayi sinkwa. Mina anginawo lawomandla, ngakhoke ngizo-zisuthisa ngokweba." Ngenxa yokuba uJesu wasibekezelela isisindo sesilingo sikaSathane, uyabazi ubunzima bokulingwa, lokhu kumenza ukuba azwelane nathi ekulingweni kwethu. Uzosinika amandla okunqoba izilingo zikaSathane uma simethemba yena.

## UJESU WAPHILA IMPILO ENGENASONO

Funda lezizindawo ezilandelayo; AmaHeberu 4:15; 2 Kor. 5:21; 1 Petru 2.22. Lena yiyona yodwa indlela uJesu

ayehluke ngayo kithi njengomuntu Bonke benzile izono, kodwa uJesu akanasono.

Abantu bayahluleka ukubona ukuthi zimbili izindlela abantu abangona ngazo. Eyokuqala eyokuba senze lokho esikwaziyo ukuthi kubi. IBhayibheli liyasitshelangezinto ezithile uNkulunkulu angafuni ukuba sizenze. Uma umuntu edela intando kaNkulunkulu enze lezizinto wenza isono kuNku-lunkulu. Ngakhoke siyabona ukuthi kuyisono ukwenza into esaziyo ukuthi ayilungile.

Indlela yesibili yokona eyokuyeka ukwenza into esazi kahle ukuthi sifanele ukuyenza. UNkulunkulu uyasitshela ukuthi kukhona izinto esifanele ukuzenza. Uma sehluleka ukuzenza lezizinto siyona kuNkulunkulu. KuJa-kobe 4:17, sifunda ukuthi; "Ngakho owaziyo ukwenza okuhle engakwenzi kuyisono kuye."

Uma sithi uJesu wayengenasono, sisho ukuthi, akenzanga lutho olubi phambi kukaNkulunkulu. Akenzanga ububi. Futhi akazange ahluleke ukwe-nza okulungileyo nokufaneleyo.

**UKUBALULEKA KOKUNGABI NASONO KUKAJESU**

Ku-2 Korinte 5:21, sifunda ukuthi, uJesu ongasazanga isono wenziwa isono ukuze thina senziwe ukulunga kukaNkulunkulu kuJesu. Ukuba uJesu wake wona, wayengeke azifele izono zethu. Wayeyofela esakhe isono.

Ake sifanekise nje, naba abantu ababili babulele omunye. Bese belahlwa yicala. Abese ethi omunye umbulali ejajini: "Nkosi, ngivumele ukuba ngife endaweni yomngane wami. Ngokushesha ijaji lingamphendula ngokuthi" "Qha! Nobabiti ninecala. Lona uzofela icala lakhe, nawe uzofela elakho icala." Onecala umelwe ukufela elakhe icala.

Manje uJesu yena akenzanga isono. Kwakungadingekile ukuba ahlushwe ngenxa yesono. Kungakhoke njengongenasono, wakumela ukuhlushwa enda-weni yethu ngenxa yezono zethu.

**IBANESIQINISEKO SOKUBA**
**UFUNDE WONKE LAMAVESI**

| | | |
|---|---|---|
| amaHeberu 4:14-15 | uJohane 10:30 | kwabaseFilipi 2:5-8 |
| kwabaseGalathiya 4:4 | uLuka 1:31 | uJakobe 4:17 |
| uLuka 2:6-7, 52 | uMathewu 4:2 | uJohane 19:28 |
| uMathewu 9:35-36 | uJohane 11:34-36 | uMathewu 16:21-23 |
| uMarku 3:5 | 1 uPetru 2:22 | uJohane 4:6 |
| 2 kwabaseKorinte 5:21 | | |

ISIFUNDO 5

# UJESU ULIZWI LIKANKULUNKULU

**Ivesi lokukhujulwa ngekhanda:** *"Ulizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise"* Johane 1:14

## ISINGENISO

Uma sifunda uJohane 1:1-14, sifunda ngoLizwi. Mhlawumbe unombuzo othi: "Ngubani uLizwi?" Ivesi lethu lekhanda lizosinika impendulo. Sifunda ukuthi uLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Siqinisekile-ke ukuthi uLizwi nguJesu. Kodwa kushiwolanike ukuthi uJesu nguLizwi? Lokhu make sikucabange ngalendlela. Mhlawumbe kukhona into ovicabangayo enhlizi-yweni yakho – lento oyicabangayo uzobazisa yona kanjani abangane bakho na? Kudingeke ukuba ubatshele. Uzosebenzisa amazwi ukuze abangane ba-kho bayazi lento ofuna ukuba bayazi.

UNkulunkulu wathumela uJesu, uLizwi, ukusazisa thina udaba lwakhe. UJesu owenza ukuba thina sazi izinto ezisenhliziyweni kaNkulunkulu. UJesu wenza ukuba udaba lukaNkulunkulu silwazi ngezimfundiso nangezenzo zakhe. Kungakho uJesu ebizwa ngokuthi unguLizwi. Uyizwi likaNkulunkulu kubantu bonke ngezikhathi zonke. Ngakhoke siyabona ukuthi ULIZWI elinye lamagama amaningi uJesu abizwa ngawo. Make sibone amanye amaqiniso amakhulu ngoNkulunkulu uJesu asambulela wona njengoba enguLizwi likaNkulunkulu.

## UJESU WAMBULA UBUNJALO BESIMO SIKANKULUNKULU

UJesu wathi: "Ongibonile mina ubunile uBaba" Johane 14:9. Abantu abaningi babuzile ezininhliziyweni zabo, bathi: "Okuseqinisweni uNku-lunkulu unjani?" Kunzima kakhulu ukuchaza isimo somuntu – kakhulu uNku-lunkulu. Kubangcono uma simbona lowomuntu. Kwabanjalo ngoJesu. Abaprofethi beTestamente Elidala bazama ngezindlela eziningi ukuchazela abantu ngesimo sikaNkulunkulu. Lokho ababekusho kwakuyiqiniso, kodwa bahluleka ukuchaza konke ngoNkulunkulu, Lokho kwakungenzeka kuphela ngokumbona. Abantu bamazisisa kahle uNkulunkulu ngoJesu Krestu, Yebo uJesu wayenguLizwi likaNkulunkulu kubantu ukuze basazi isimo sika-Nkulunkulu.

## UJESU WAZISA UHLELO LUKANKULUNKULU NGENSINSDISO

Abantu emhlabeni wonke jikelele ezinhliziyweni zabo banesidingo ngoNkulunkulu. Bayazi ukuthi bonile kuNkulunkulu. Bayazi ukuthi isono siyabaxabanisa noNkulunkulu. Bayacabanga ukuthi: "Ngingenzani ukuze ngibe nobudlelwane noNkulunkulu?" Benza izinto eziningi bethi bazama ukuzilungisa kuNkulunkulu.

Abanye bakhonza amadlozi. Abanye balandela izimfundiso zabanye abantu. Ayikho neyodwa into elungileyo kulokhu. Uma umuntu efuna insindiso kaNkulunkulu makayeke ukwenza akucabangayo yena noma okucatshangwa abanye. Makafunde futhi alandele uhlelo lukaNkulunkulu.

UJesu uyiLizwi likaNkulunkulu kubantu mayelana neyona ndlela uqobo yensindiso. Noma oluphi uhlelo lwensindiso oluphambana nohlelo luka-Nkulunkulu esiluphiwe ngoJesu Krestu, nguhlelo oludukisayo. Wathi uJesu: "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami. (Johane 14:6)

## UJESU WAMBULA INTANDO KANKULUNKULU NGEZIMPILO ZAMAKRESTU

Sesibonile ukuthi uJesu uyiZwi likaNkulunkulu kubantu, nokuthi wambula uhlelo lukaNkulunkulu lwensindiso ebantwini. UJesu futhi uyiZwi likaNkulunkulu kulowo osesindisiwe, ukuze azi ukuthi ufanele ukuba aphile kanjani. UmKrestu ufanele ukulifunda ngokunakekela okukhulu iBhayibheli, ayihlolisise kabanzi impilo kaJesu. Kuzotholakala ukuthi into eyayinkulu neyayibalulekileyo kuJesu kwakungukwenza intando kaNkulunkulu.

Ngesikhathi uJesu ecabanga ngokuhlupheka okukhulu okwakuzomfikela esesiphambanweni, wathandaza kuNkulunkulu: "Baba uma kungenzeka, akudlule kimi lesisitsha, nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena" Mathewu 26:39. Uma yayikhona indlela yokusi-gwema isiphambano, uJesu wayeyifuna. Kodwa ngaphezu kokubalekela ukuhlushwa esiphambanweni wayelangazelela ukwenza intando kaNkulu-nkulu. Ngokuba uJesu wayeyibeke phambili intando kaNkulunkulu kune-yakhe, kungakho namhlanje sesinendlela yokusindiswa.

Masikhumbule lokhu futhi, uJesu wayeYizwi likaNkulunkulu ebantwini. Akagcinanga ngokutshela abantu ukuba bamlalele uNkulunkulu, kodwa wababonisa nendlela ababengamlalela ngayo bangakwenza ngokubeka inta-ndo kaNkulunkulu ibe phambili kwazo zonke izinto ezisempilweni zabo.

## UJESU WAMBULA IQINISO NGOKUPHILA OKUNGAPHESHEYA KOKUFA

Funda (KuJohane 14:1-6) kulamavesi uJesu utshela abalandeli bakhe ngohlelo uNkulunkulu ngempilo emva kokufa, uthi "ngiyindlela neqiniso nokufa, nokuphila" (vesi 6).

Sizofunda kabanzi ngokuphila okungalena kokufa esifundweni seshumi nanye kulezizifundo. Okwamanje makucace-nje ezingqondweni zethu ukuthi uJesu unguLizwi likaNkulunkulu kithina. Uma sifuna ukuqonda kabanzi ngokuphila okungalena kokufa sidinga ukuba sizwe yena.

## UJESU UYIZWI LOKUGCINA KUBANTU

Uma iqiniso elipheleleyo selikhulunyiwe ebantwini akube kusadingeka lutho lokwenezelela. UNkulunkulu wasitshela lonke iqiniso ngaye, ngensi-ndiso, nangempilo yobuKrestu ngoJesu. KwabaseKolose 1:15, sifunda lokhu ngoJesu: "Ungumfanekiso kaNkulunkulu ongenakubonwa." Unkulunkulu wambulwe ngokupheleleyo kuJesu.

Ngakhoke uma umuntu efuna ukwazi iqiniso ngoNkulunkulu, makali-funde kuJesu Krestu. Abanye abantu bafikile bathi: "UNkulunkulu usitshele okuningi kakhulu ngoJesu kunalokho okubhalwe eBhayibhelini. SineBha-yibheli kanye namanye amaqiniso ambuliweyo." AMANGA LAWA. Unkulunkulu wazambula ngokupheleleyo ngoJesu. UMoya oNgcwele uyena oyihumushayo lendaba abese esiholela eqinisweni lonke.

Uma kudwetshiwe isithombe esihle, konke okunye okunezelelwayo noma okususwayo kusona kuyasona. UNkulunkulu ubonakaliswe kahle kakhulu kuJesu. Uma kukhona ozama ukwenezela noma ukususa kulomfa-nekiso kaNkulunkulu esiwubona kuJesu, lowo uyawona lomfanekiso.

UNkulunkulu usitshela ngokusobala ngalabo abafuna ukuguqula iBha-yibheli. Encwadini yokugema eBhayibhelini kucacisiwe ukuthi, lowo owene-zayo akaveli kuNkulunkulu, "Ngiyafakaza mina kubo bonke abezwayo ama-zwi esiprofetho salencwadi uma ekhona owenezela kulokhu, uNkulunkulu uyakwenezela kuye izinhlupho ezilotshiwe kulencwadi, futhi uma ekhona osusa utho kuwo amazwi encwadi yalesisiprofetho uNkulunkulu uyakususa isabelo sakhe emthini wokuphila, nasemzini ongcwele, nakulokhu okulo-tshiwe kulencwadi." Isambulo 22:18,19.

**IBANESIQINISEKO SOKUBA**
**UFUNDE WONKE LAMAVESI**

| | | |
|---|---|---|
| uJohane 1:1-14 | uJohane 14:1-6, 9 | uMathewu 26:39 |
| kwabaseKolose 1:15 | iSambulo 22:18-19 | |

ISIFUNDO 6

# UJESU UYIWUNDLU LIKANKULUNKULU

**Ivesi lokukhunjulwa ngekhanda:** *"Ngangomuso wabona uJesu eza kuye, wathi: 'Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.'"* Johane 1:29

## ISINGENISO

Kulesisifundo sizofunda ngoJesu obizwa ngokuthi uyiWundlu lika-Nkulunkulu. Ezinsukwini zeTestamente Elidala iWundlu lalisetshe-nziselwa umhlatshelo wesono. UNkulunkulu wayebanike imiyalo ecacileyo abantu mayelana nemihlatshelo. Ngakhoke ngesikhathi uJohane ekhuluma ngoJesu embiza ngokuthi "iWundlu likaNkulunkulu" lamazwi ayesho into enkulu kakhulu kulabo abawezwayo. Umalamazwi achaza uJesu ezosho okuthile kithina, ngakhoke simelwe ukufunda ngemihlatshelo yeTestamente Elidala. Uma sesiqonda ngalokho okufundwayo ngemihlatshelo yeTestamente Elidala, sizoqonda kangcono ukuthi uJesu wayengubani nokuthi wasenzelani.

## UKUDINGEKA KWEWUNDLU

Miningi imithetho kuTestamente Elidala uNkulunkulu ayinika abantu bakhe. Kwakukhona izinto ezithile ababengafanele ukuzenza. Kwakukhona ezinye ababefanele ukuzenza. Umuntu owayeyazi intando kaNkulunkulu kodwa engayenzi, lokho kwakuyisono kuNkulunkulu. Isono, kuwukunqaba intando kaNkulunkulu ngoba sifuna ukwenza eyethu. (Isaya 53:6)

Make sicabange ngomuntu owayephila ezinsukwini zeTestamente Eli-dala. Lomuntu wenze isono kuNkulunkulu. Esesenzile lesisono abeseyazi-sola, abesecabanga athi: "Ngizokwenzenjani na?" Wayeya kumpristi afike athi: "Ngonile kuNkulunkulu. Ngenzejani na?"

Umpristi wayemchazela ukuthi isono siyinto embi phambi kuka-Nkulunkulu isono sifanele ukujeziswa. Isono sifanele ukujeziswa ngesono saso, noma kube omunye ozojeziswa endaweni yowonileyo. Umpristi uzoqhubeka amchazele ukuthi uNkulunkulu ulwenzile uhlelo ukuze iwundlu libe ngumnikelo ngenxa yezono. Ngamanye amazwi iwundlu lizothwalela owonileyo isijesiso sesono sakhe. Ngaleyondlela isono sakhe besesiya-thethelelwa. Funda kuLevitikusi 4:32-35.

Mhlawumbe lomuntu abese ethi: "Mnumzane, mangivume isono sami kuwe khona-ke uNkulunkulu uzongithethelela." Umpristi wayezomphendula athi: "Qha. Ngokohlelo nesimiso sikaNkulunkulu, lapho kukhona isono kudi-ngeka kubekhona okufayo okuzohlawula isono."

Mhlawumbe lomuntu abesethi: "Mnumzane, uma ngithembisa ukuthi ngingeke ngiphinde ngone, lesisono asinakuthethelelwa ngaphandle komhla-tshelo wemvu yami na?" Umpristi ufanele ukuphendula athi: "Qha, isono usu-senzile. Ngokwesimiso sikaNkulunkulu uma kuzobakhona ukuthethelelwa kwesono, kufanele kuchithwe igazi" AmaHeberu 9:22. Ekugcineni uzobona lomuntu ukuthi uma ezokwamukela ukuthethelelwa kwesono sakhe kudingekile ukuba enze njengokwesimiso sikaNkulunkulu. Lesisimiso sika-Nkulunkulu, sasingukuhlatshwa kwemvu, umphumela walokho kube nguku-thethelelwa kwezono.

## UHLOBO LWEWUNDLU OLWALUNDINGEKA

UNkulunkulu wakucacisa ngokusobala futhi ukuthi iwundlu leli malibe elipheleleyo ngokungasoleki. Imvu eyayigula noma eyayilimele noma enesici esithile, yayingamukelekile kuNkulunkulu. Uma leliwundlu lilethwa ku-mpristi, kwakudingeka ukuba alihlolisise, ukuze aneliswe ukuthi alinasici, njengokusho kweTestamente Elidala.

UJesu njengeWundlu likaNkulunkulu wayephele engenasici. Wayenge-nasono. UNkulunkulu ngokwakhe wathi ngaye uJesu: "Lona yiNdodana yami engithokozile ngayo" Mathewu 3:17. Ngakhoke uJesu owayephelele futhi enganasono wamanelisa uNkulunkulu ukuze abengumhlatshelo wethu.

## UKUFA KWEWUNDLU ESIKHUNDLENI SESONI

Uma umuntu esefikile newundlu, umpristi wayelihlolisisa. Uma umpristi aneliswa kwakwenzeka izinto ezimbili.

**Okokuqala:** Umuntu wayebeka izandla zakhe phezu kwekhanda lewu-ndlu abesevuma izono zakhe. Loku kwakuwuphawu lokuthi isono usesi-vumele sesiyasuswa kuyena sesibekwa phezu kwewundlu.

**Okwesibili:** Iwundlu eselithathe isono necala lalomuntu sekufanele ukuba life. Umpristi wayelithatha iwundlu leli alibulale njengomthetho ka-Nkulunkulu. Iwundlu elingenacala selifile endaweni yomuntu onecala.

Yilokhu okwenzeka ngesikhathi uJesu efa esiphambanweni. Njenge-Wundlu likaNkulunkulu wathwala izono zethu. Wahlupheka, wafa ngenxa yezono zethu. Lokhu kwenzeka ukuze sithethelelwe izono futhi sibe nokuphila okuphakade.

Funda ngokuqaphela ku-2 Korinte 5:21.

## INDLELA YOKUTHETHELELWA KWEZONO

Ngaphambi kokuba sisiqede lesisifundo sidinga ukuba siziqonde kahle lezizinto. Zaziyiqiniso ezinsukwini zeTestamente Elidala, ziseyiqiniso nana-mhlaje. Uma umuntu efuna ukuthethelelwa izono zakhe, makenze lezizinto ezilandelayo.

1. Udinga aqonde ukuthi wonile kuNkulunkulu. (KwabaseRoma 3:23)
2. Kudingeka adabuke enhliziyweni yakhe ngesono, alangazelele ukusi-shiya isono. UNkulunkulu angeke awamukele umhlatshelo uma kunge-kho ukuphenduka ngokweqiniso. Funda amaHubo 51:17.

Njengoba sesiyaqonda manje lezizinto ezingenhla ngewundlu lomhla-tshelo, sesingaqonda manje okushiwo nguJohane uMbhabhadisi uma ebiza uJesu ngokuthi "iWundlu likaNkulunkulu." Wayeqonde ukuthi uJesu waye-nguMsindisi ongenasono, owathunywa nguNkulunkulu lapha emhlabeni uku-ba azokufa ngenxa yezono zethu.

### IBANESIQINISEKO SOKUBA UFUNDE WONKE LAMAVESI

| | | |
|---|---|---|
| uJohane 1:29 | amaHubo 51:17 | uLevitikusi 4:32-35 |
| uIsaya 53:6 | 1 kaPetru 3:18 | amaHeberu 9:22 |
| amaHeberu 7:27 | uMathewu 3:17 | kwabaseRoma 3:23 |
| 2 kwabaseKorinte 5:21 | | |

ISIFUNDO 7

# UJESU UNGUMSINDISI

**Ivesi lokukhunjulwa ngekhanda:** *"Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu, ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo."* Mathewu 1:21

## ISINGENISO

Esifundweni sesikhombisa sibonile ukuthi uJesu, wenzani ukuze asisindise. Wafa njengeWundlu likaNkulunkulu ngenxa yezono zethu. Kungakho-nje simbiza ngokuthi "NGUMSINDISI". Kulesisifundo sizofunda ngoJesu enguMsindisi nangensindiso ayinika ngesihle kulabo abaphendukayo ezonweni zabo bamethemba yena.

## UJESU UYENA YEDWA ONGUMSINDISI

Kaningi abantu bayawubuza lombuzo: "Uma umuntu engowenye inkolo njengekaMahomede, noma eyamaHindu njalonjalo, lowomuntu akanaku-sindiswa na?" NgokweBhayibheli impendulo ithi, "Qha, uJesu, iNdodana ka-Nkulunkulu, uyena yedwa osindisayo."

Make sithi, nangu umuntu ufuna ukuthatha uhambo. Munye kuphela umgwaqo ongamfikisa lapho efuna ukuya khona. Lomuntu abeseyadideka ngaphambi kokuba aqale uhambo lwakhe. Ekudidekeni kwakhe abesethatha umgwaqo okungewona. Ngephutha athathe umgwaqo ophambene nalapho efuna ukuya khona. Lomuntu ahambe ngokukhulu ukuzimisela, ekholwa ukuthi usendleni elungileyo. Noma angazimisela kakhulu, kodwa angeke afike kulendawo ayiqondile. Abaningi, bafana nalomuntu obezimisele, kodwa badukile. KwiZaga 14:12, sifunda lamazwi: "Kukhona indlela ebonakala se-ngathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuymdlela yokufa."

UJesu ukucacise kahle ukuthi, akukho muntu ongeza kuNkulunkulu uma engezi ngaye. (Johane 14:6)

KuZenzo 4:12 sifundo: "Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi phansi kwezulu elinye igama elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusi-ndiswa ngalo."

Lelivesi elingenhla lisifundisa ukuthi uma eyeka uJesu athembe enye indlela yokusindiswa, lowomuntu uyilahlile indlela.

## UJESU USISINDISA EZONWENI

Enye into esifanele ukuyazi ngoJesu njengoMsindisi ukuthi **uJesu usindisa ezonweni.** Abanye abantu banengqondo yokuthi, uma bengamaKrestu bazosindiswa kukho konke ukugula kwabo, nakuzo zonke izinkathazo zabo. Uma-ke sekufika ukugula nezinkathazo babone sengathi uJesu uhlulekile ukubenzela zonke izinto abefanele ukubenzela zona. Lokhu kubangwa ukuthi abazange baqonde ukuthi uJesu unguMsindisi onjani. Uma sifunda eBhayibhelini, ngezimpilo zabafundi bakaJesu siyathola ukuthi bahlupheka, bangena ekukhathazekeni. Abanye bashaywa. Abanye babo-shwa, abanye babulawa. Lezizinto zabehlela ngoba bengabalandeli bakaJesu abaqotho, hayi ngoba kukhona ukubi ababenzile. Abazange basole. Babazi ukuthi uJesu ubasindisile ezonweni zabo, nokuthi banekhaya elingunapha-kade lapho beyohlala naye khona. Make sihlangane ekucabangeni ngalo-khukusindiswa esonweni.

1. **UJesu usisindisa kwinkokhelo yesono.** Funda kuMathewu 25:46; Luka 16:19-31; Isambulo 20:11-15. Kulamavesi sifunda ukuthi kukhona indawo yokuhlupheka okungunaphakade kulabo abanqaba indlela kaNkulunkulu, ngoba befuna ukuhlala ezonweni zabo. Lokhukuhlupheka okungunaphakade kuwumvuzo noma isahlulelo ngenxa yesono.
2. **UJesu usisindisa emandleni esono.** Abantu abazama ukusiyeka isono ngokwabo basheshe bathole ukuthi isono sinamandla amakhulu. Bazithole ukuthi abanawo amandla okusiyeka isonu. Uma umuntu ese-ngumKrestu, uJesu uyamsindisa emandleni esono. UJesu ufaka uMoya wakhe oNgcwele enhliziyweni yekholwa. UmKrestu abeseba namandla okunqoba isono ngenxa yamandla kaJesu asekuye ngaphakathi. (KwabaseFilipi 4:13)
3. **UJesu usisindisa ebukhoneni besono.** Umuntu ongeyena umKrestu uyasithanda isono. Ufumsisa izindlela zokona. Futhi uyazithanda izi-ndawo lapho kuphuzwa khona utshwala. Uyathanda futhi ukugembula, ukuphinga, nokwenza ezinye izono. Uma angase angabikho amathuba okona lomuntu angeke ajubule.

Kodwa uMkrestu yena uhlukile. Unenhliziyo entsha. Ufuna ukuba intando kaNKulunkulu yenziwe empilweni yakhe. Ngakhoke ubukhona besono buyinkathazo kuye. Kodwa ngelinye ilanga uJesu uyakusikhulula kulezizinkathazo. uJesu uyakuwathatha wonke amaKrestu ukuba ayohlala naye ezulwini. Ezulwini kungeke kubekhona ukugula, usizi, ukufa, indlala, nezinkathazo. Funda Isambulo 21 no 22. Ingqondo yethu iyahluleka uku-zwisisa ukuthi kuyoba yinjabulo yodwa kuleyondawo uNkulunkulu ayilungisele abantwana bakhe ukuba bahlale kuyo. (Johane 14:1-3)

## UJESU USISINDISELA UKUBA SIMKHONZE UNKULUNKULU

NjengoMsindisi uJesu akagcini ngokusisindisa esonweni. Usisindisa enenjongo – yokuba siphile izimpilo ezizothokozisa uNkulunkulu. Ngelinye ilanga umfundisi othile wayekhuluma nabantu ngesono esasijwayelekile kubona. Kwakuyisono abasebesenze isikhathi eside. Babengaboni ukuthi lesisono sibi phambi kukaNkulunkulu Umfundisi wabachazela ngobubi balesisono. Eseqedile ukukhuluma, omunye walababantu, waphendula wathi: "Kodwa phela kungadingeka ukuba sibenezinhliziyo ezintsha ngaphambi kokuba senze lento osifundisa yona."

Iyona kanye into ayenzayo uJesu uma esindisa umuntu. Umnika inhliziyo entsha ku-2 Korinte 5:17 sithola lamazwi: "Kanjalo uma umuntu ekuKrestu, uyisidalwa esisha, okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha."

Uma umuntu esenalenhliziyo entsha uzothanda ukwenza intando kaNkulunkulu Edolobheni elithile kwakukhona umuntu owayeyisoni esi-khulu. Wenza izinto eziningi kakhulu ezimbi, wayesatshwa abantu abaningi noma ezihlambela-nje emgwaqweni. Ngobunye ubusuku lomuntu waya esontweni, wafika wazinikela kuJesu. Wabeka ithemba lokusindiswa kwakhe kuJesu. Wahlukana nabangane ababi, nezindlela ezimbi waziyeka. Waqala ukufakaza kwabanye ngoJesu nangendlela abangasindiswa ngayo. Unku-lunkulu wamsebenzisa kakhulu lomuntu ngesikhathi esemazi uJesu njengo-Msindisi wakhe. UPawulu wabhalela amaKrestu aseKorinte wathi kuwona. "Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakhoke mbongeni uNkulunkulu emzimbeni wenu" (1 Korinte 6:19-20)

### IBANESIQINISEKO SOKUBA UFUNDE WONKE LAMAVESI

| | | |
|---|---|---|
| 2 kwabase Korinte 5:17 | iZaka 14:12 | Johane 14:1-3, 6 |
| kwabase Filipi 4:13 | iZenzo 4:12 | uMathewu 25:46 |
| 1 kwabase Korinte 6:19-20 | uLuka 16:19-31 | iSambulo 20:11-15 |
| uMathewu 1:21 | iSambulo 21, 22 | |

ISIFUNDO 8

# UJESU UNAMANDLA-ONKE

**Ivesi lokukhunjulwa ngekhanda:** *"UJesu wasondela, wakhuluma kubo, wathi: 'Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni'"* Mathewu 28:18

## ISINGENISO

UJesu wayesebethelwe. Ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo. Wahlangana nabafundi bakhe izinsuku ezingamashumi amane emva koku-vuka ekufeni. Abafundi bazi ngokuqinisekileyo ukuthi loJesu owayebethe-lwe wangcwatshwa uyaphila ngoba esevukile kwabafileyo. Bambona, bakhu-luma naye, bamthinta nangezandla zabo. Emva kwezinsuku ezingamashumi amane uJesu wabaqoqa abafundi bakhe. Esaxoxa nabo wakhuluma amazwi esiwathola kulona ivesi lethu lekhanda: "Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni." Wayefuma ukuba baqonde kahle ngamandla akhe. Eseqedile ukukhuluma nabafundi bakhe, wanyukela ezulwini. Abafundi bema bagqo-lozela phezulu bambuka waze wayosithela emafini.

AmaKrestu awakhonzi owafa wangcwatshwa kwaphela khona lapho. Bakhonza iNdodana kaNkulunkulu eyafa, yavuka, futhi ephilayo Ngesikhathi uJesu esaphila lapha emhlabeni wawabonakalisa amandla akhe ngezindlela ezininingi, ezikhathini ezahlukeneyo. Kulesisifundo sizobona ezinye ezindlela uJesu abonakalisa ngazo amandla akhe.

## UJESU UNAMANDLA OKULAWULA INDALO NEMVELO

uJesu anganawo nje amandla wokudala izulu nomhlaba kuphela, kodwa unamandla wokuyenza ukuthi izinto zingamosheki. uMhlaba lona sihlala kuwo kubekungase ngamandla kaJesu ube-uzobhihlika. Sivumelwe ukuphila kulomhlaba usuku nosuku ngenxa kamandla kaJesu. (kwabaseKolose 1:16-17)

1. Siyakwazi lokhu ngokubona amandla akhe ngesikhathi ethulisa isivunguvungu olwandle (Mathewu 8:23-27).
2. Siyakwazi lokhu ngokubona amandla akhe ngesikhathi andisa izinkwa ezinhlanu nezinhlanzana ezimbili ukuze kuphiwe abantu abangu-5000. Bathi sebedle bonke basutha kwasala ukudla okuningi okwakunganela obhasikidi abayishumi nambili UJesu akagcinanga ngokusuthisa abantu abangu-5000, ngalezizinhlanzi ezimbili nezinkwa ezinhlanu, kodwa ukudla okwasalayo kwaba kuningi kunasekuqaleni. (Johane 6:5-14)

## UJESU UNAMANDLA OKULAWULA OMOYA ABABI

IBhayibheli liyasifundisa ukuthi lemimoya emibi igcina imiyalo kaSathane. IBhayibheli liyasifundisa futhi ukuthi uJesu unamandla kakhulu kunemimoya emibi Umuntu ogciniwe amandla kaJesu anganqoba phezu kwabo bonke omoya ababi bakaSathane.

Ziningi izindawo kuTestamente Elisha esingafunda kuzona ukuthi amandla kaJesu makhulu ngaphezu kwamandla kaSathane nomoya ababi. Make siyibheke enye yazo. Funda ngokuqaphela kuLuka 8:26-39. Lendawo siyikhethe ngoba ibonisa ngokusobala umsebenzi kaSathane. Umsebenzi kaSathane ngukubhubhisa. Umelene noNkulunkulu nakho konke okuyi-ntando kaNkulunkulu. Ngesikhathi imimoya emibi kaSathane seyingenile kulomuntu yayilwela ukumbhubhisa. UJesu wayikhipha ngamandla akhe. Yayisingena ezingulubeni ezaziklabile zidla eduze kwalapho. Lemimoya emibi yenza ukuba izingulube zizibulale zona ngokwazo. Ngokuziphonsa olwandle zaminza. Yebo imimoya kaSathane ilwela kona lokho ukubulala nokuchitha lokho okulungileyo.

Ngakolunye uhlangothi, amandla kaJesu ahlala alindele ukusiza labo abalufuna ngokweqiniso usizo lwakhe. Ngokuba amandla kaJesu makhulu kunamandla kaSathane, singaluthola usizo esiludingayo.

## UJESU UNAMANDLA OKUPHILISA ZONKE IZIFO

Baningi abantu abaphiliswa ngamandla kaJesu. Masibheke abambalwa.

1. Uchoko lwalwaziwa njengesifo esingalapheki ngezinsuku zika Jesu. KuMarku 1:40-45 siyafunda ngonochoko oweza kuJesu ezofuna usizo. UJesu wamphilisa ngokumthinta.
2. KuMarku 5:25-34, sifunda ngowesifazane owayesegule iminyaka eyishumi nambili. Wayeseye kodokotela abaningi, esechithe yonke imali yakhe efuna ukuphiliswa. Akekho owamsizayo. Kodwa ngokuthinta umphetho wengubo kaJesu waphila ngalesosikhathi

Ziningi ezinye izindawo ezisitshela ngokuphiliswa kwabantu nguJesu, kodwa asizuzifunda kulesisifundo sethu. Kunento eyodwa esifuna ukuba icace kulesisifundo. Akukho nesisiodwa isifo uJesu ayengenakusiphilisa. Wayenamandla apheleleyo phezu kwazo zonke izifo.

**UJESU UNAMANDLA OKUTHETHELELA IZONO**

Lombuzo uvamisile ukubuzwa: "Ngingathethelelwa izono zami kanjani na?" Abanye bazama ukuthethelelwa izono zabo ngokuzivuma kumpristi. Abanye bathemba ukuthi bangathethelelwa ngokuzinikela ebandleni elithile. Abanye bacabanga ukuthi bazothethelelwa ngokubhabhadiswa. IBhayibheli liyasi-fundisa ukuthi akukho neyodwakulezizinto enamandla okuthethelela izono. Ukubhabhadiswa kulandela ukuthethelelwa izono. Kufakaza ukuthi obhabha-disiweyo uselikholwa.

UJesu kuphela onamandla okuthethelela izono. Funda futhi kuMarku 2:1-12. Qaphelisisa ivesi leshumi. UJesu akagcinanga ngokusho ngomlomo ukuthi unamandla okuthethelela izono, kodwa wakufakazela lokho ngezenzo. Waphilisa umuntu owayelethwe kuyena.

Uma ufuna ukuthethelelwa izono udinga ukuqiniseka ukuthi kutholakala kuJesu kuphela. (Kwabase-Efesu 1:7; IZenzo 4:12; IZenzo 10:43)

**UJESU UNAMANDLA OKUNQOBA UKUFA**

Funda lezizindawo ezilandelayo: Mathewu 9:23-26; Luka 7:11-17; Johane 11:1-46. Kulezizindawo sifunda indlela uJesu wavusa ngayo umuntu owayesefile. Babengaqulekile. Kulendaba ekhuluma ngalentombazanyana, yayisife isikhathi esidenyana kangangokuba kwaze kwafika izihlobo ekhaya zizomlilela. Umfana yena babesebesitwele isidumbu sakhe besiyisa ethuneni. ULazaru yena kwase kuphele izinsuku ezine, eseze wangcwatshwa. Udade-wabo waze washo wathi useyanuka. UJesu wabonakalisa amandla akhe ukunqoba ukufa ngokubavusa laba ekufeni.

Esifundweni sesishiyagalolunye sizofunda kabanzi ngamandla kaJesu okunqoba ukufa Sizofunda ukuthi wayenamandla okuzithathela ukuphila kwakhe, nokuthi wayenamandla okubabuyisela ukuphila kwabo labo abase-befile.

Thina esingamaKrestu masijabule. Sithemba futhi silandela lowo ongco-no kunabaprofethi nawothisha. UyiNdodana ephilayo kaNkulunkulu, futhi uphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni.

**IBANESIQINISEKO SOKUBA**
**UFUNDE WONKE LAMAVESI**

| | | |
|---|---|---|
| kwabaseKolose 1:16-17 | uLuka 7:11-17 | uMathewu 8:23-27 |
| uMathewu 28:18 | uJohane 6:5-14 | uJohane 11:1-46 |
| uLuka 8:26-39 | uMarku 1:40-45 | uMarku 5:25-34 |
| uMarku 2:1-12 | kwabaseEfesu 1:7 | iZenzo 4:12 |
| iZenzo 10:43 | uMathewu 9:23-26 | |

ISIFUNDO 9

# UJESU UNGUMNQOBI WOKUFA

**Ivesi lokukhunjuhva ngekhanda:** *"Ngingophilayo ngangifile, bheka sengi-ngophilayo kuze kube phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezeHayidesi."* Isambulo 1:18

## ISINGENISO

Kusukela ekuqaleni abantu bakwazi ukufa njengesitha esinge-nakunqotshwa. Abantu bazamile ngezindlela eziningi ukukugwema ukufa, kodwa siyafika isikhathi lapho kufanele bafe, kutholakale ukuthi ukufa kuyanqoba.

Kulesisifundo sizofunda ngoJesu enguMnqobi wokufa. Sizobona ukuthi uJesu wavuma kanjani ukuba abulawe ngabantu ababi. Sizobona ukuthi wangcwatshwa kanjani, nokuthi wavuka kanjani engcwabeni ngosuku lwesithathu. Sizofunda futhi ukuthi ukunqoba kwakhe ukufa kushoni kithina.

## UJESU WABONAKALISA AMANDLA AKHE PHEZU KOKUFA NGOKUVUSA ABANYE ABABEFILE

Esifundweni isishiyagalombili sibonile ukuthi uJesu unamandla onke ezulwini nasemhlabeni. Enye yezindlela abonakalisa ngayo lamandla akhe kwakungukuvusa abantu abathathu ababefile. Make sicabange ngalaba abathathu.

1. KuMathewu 9:18-19 ne 23-26, sifunda ngokufa kwentombazane encane. Kwafika abangane ekhaya kubazali bezolila nabo. Uma uJesu ebatshela ukuthi intombazane ayifile ilele, bamhleka usula. Babesibonile isidumbu sentombazane. Babazi ukuthi ifile UJesu waya ekamelweni lapho yayibekwe khona intombazane. Wayibamba ngesandla wayivusa. Nje-ngoba senza ukuvusa umntwana osuke elele, kanjalo uJesu wayibiza lentombazane, yavuka.
2. KuLuka 7:11-17 sifunda ngendlela uJesu ahlangana ngayo nesixuku sabantu ababeyongcwaba umuntu. Lomuntu kwakuyindodana eyodwa yomfelokazi Manje wayesesele yedwa lomame. UJesu wamdabukela. UJesu wamyala ukuba avuke lomuntu ekufeni, wamlalela. Make uca-bange ngokumangala nenjabulo eyaba kulababantu.
3. KuJohane 11:1-46 sitshetwa ngokufa kukaLazaru. Wayengumngane kaJesu. UMartha noMariya babengodadewabo kaLazaru. Bathumela umyalezo kuJesu ngesikhathi esagula uLazaru. Ngesikhathi efika uJesu ekhaya labo uLazaru wayesefile. Zase zizine izinsuku efile uLazaru. UJesu wathi mabagudluze itshe engcwabeni. Wayeseyala uLazaru ukuba aphume engcwabeni. Ngokulalela iphimbo likaJesu iNdodana kaNku-lunkulu, wahamba waphuma engcwabeni,

UJesu wawabonakalisa amandla akhe ngokuvusa abasebefile. Lokho kwakungekhona okukhulu kakhulu. Okukhulu ukuhlolwa kwamandla akhe kwakuseza. UJesu yena uqobo angafa, abuye akunqobe ukufa na?

## UJESU WAYETHEMBISILE UKUTHI UZOKUNQOBA UKUFA

UJesu wazi kuse kude ukuthi uzobulawa ngaphambi kokuba kwenzeke lokho. Futhi wayazi ukuthi uzovuka ekufeni ngosuku lwesithathu. Funda ku-Mathewu 16:21; Mathewu 26:32; Marku 8:31; Marku 9:31; noMarku 10:33-34.

UJesu wabatshela abafundi lezizinto zingakenzeki. Wakwenza lokhu ukuze kuthi uma sezigcwaliseka lezizinto esevuka ekufeni, abafundi bakhe baqine ekukholweni ngaye. (Johane 14:29)

## UJESU WAFA NGEMPELA

Uma sizokuthokozela ngempela ukunqoba kukaJesu ekufeni, sidinga ukuba siqonde ukuthi uJesu wafa ngempela. Akazange aquleke-nje, noma azenzise sengathi ufile. Make sihlolisise lamavesi alandelayo. Funda ngo-kuqaphela kuLuka 23:32-56; Luka 24:1-53; Johane 19:16-42; Johane 20:1-31; Johane 21:1-25.

1. UJesu wafa kubona abantu abaningi. Akafelanga endaweni esesithe lapho kungekho muntu ongafakaza noma abayidlanzana. Cishe bonke abantu baseJerusalema baphuma bayobukela ukubethelwa kwakhe. Akuzange kubekhona ukungabaza ezingqondweni zalababantu. Babazi ukuthi uJesu ufele esiphambanweni.
2. Kwakukhona izixuku ezintathu ezabona futhi zaqiniseka ukuthi uJesu ufile ngempela.

   **Abokuqala** kwakungamasosha. Lababantu babefundisiwe ngezindlela zokubulala. Ukuthi umuntu ufile babekwazi ukukubona. Elinye lama-butho laze lamgwaza ngomkhonto ohlangothini. Ngesikhathi ikwenza lokhu, kwaphuma igazi namanzi. Lokhu kwabonisa ngempela ukuthi uJesu ufile ngempela.

   **Abesibili,** izitha zikaJesu zazikhona nazo ukuze ziqiniseke ukuthi ufile ngempela. Zazingeke zivume ukuba athulwe esiphambanweni ukuba zazingaqinisekanga ukuthi usefile.

   **Abesithathu,** kwakuyilabo ababemthanda uJesu. Nabo baqiniseka ukuthi ufile ngempela. Ukuba lezozandla zabo ezinothando zake zezwa uphawu oluthile olwalusolisa sengathi akakafi, ngesikhathi bemlu-ngiselela ukumngcwaba babengeke besamngcwaba.

## UJESU WAVUKA EKUFENI NGOSUKU LWESITHATHU

Izitha zikaJesu zenza konke okwakusemandleni azo ukuvimbela uku-vuka kwakhe. Kwabekwa itshe elikhulu emlonyeni wengcwaba, kwashaywa nophawu kulona. Kwabekwa amasosha ukuba alilinde ingcwaba ukuze aqiniseke ukuthi isidumbu sakhe singebiwa.

Imizamo yabo ayibasizanga ngalutho. Ngosuku lwesithathu isidumbu sakhe sasingasekho engcwabeni. UJesu wayesevukile. Esevukile ekufeni uJesu wazibonakalisa kaningi kubafundi bakhe. Bakhuluma naye. Bamthinta ngezandla zabo. Babazi kahle ukuthi nguye uJesu nokuthi useyaphila ngoba evukile ekufeni. UJesu wafa. Wangcwatshwa. Wakunqoba ukufa. Manje use-yaphila kuze kube ngunaphakade.

## LOKHO OKUCHAZWA UKUNQOBA KUKAJESU UKUFA

Kukhona izinto ezimbili esifuna ukuziveza kulesisifundo mayelana nokuvuka kukaJesu ekufeni.

1. Ukuvuka ekufeni kuyamfakazela uJesu ukuthi uyiNdodana kaNku-lunkulu. Sifunda ngalokhu kweyabaseRoma 1:4, ufakazelwa ngamandla ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, ngokomoya wobungcwele, ngo-kuvuka ekufeni.
2. UJesu onamandla ukunqoba ukufa, uzobavusa bonke abantu ngosuku lokugcina. Okuyokwenzeka ngesikhathi sokuvuka uzokuthola kuchazwe kabanzi ezifundweni ezilandelayo. (Johane 5:28-29)

Masijabule ngoba sikhonza uMsindisi owakunqoba ukufa. Angasisindisa esonweni, asivuse ekufeni, abese esithatha siyohlala naye ingunaphakade. Masisifunde kahle lesisifundo bese sitshela labo abangakezwa, noma labo abangaqondi.

### IBANESIQINISEKO SOKUBA UFUNDE WONKE LAMAVESI

iSambulo 1:18 uLuka 7:11-17 uMathewu 9:18-19, 23-26 uJohane 11:1-46
uMathewu 16:21 uMathewu 26:32
uMarku 8:31 uMarku 9:31 uMarku 10:33-34 uJohane 14:29
uLuka 23:32-56 uLuka 24:1-53
uJohane 19:16-42 uJohane 20:1-31 uJohane 21:1-25 kwabaseRoma 1:4
uJohane 5:28-29

ISIFUNDO 10

# UJESU UYINKOSI

**Ivesi lokukhunjulwa ngekhanda:** *"Ngakho indlu yonke yakwaIsrayeli mayazi impela ukuthi uNkulunkulu umenzile iNkosi noKrestu uJesu lo enambethela nina esiphambanweni"* IZenzo 2:36

## ISINGENISO

Kulesisifundo sizofunda elinye iqiniso elikhulu ngoJesu. Sizobona ukuthi uJesu uyiNkosi. IBhayibheli liyasitshela ukuthi umuntu akana-kumamukela uJesu njengoMsindisi uma engenakumamukela futhi njenge-Nkosi. UJesu uqobo wathi: "Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla angilandele" Luka 9:23. UJesu wawasho lamazwi ukuze kuthi labo ababefuna ukumlandela baqonde ukuthi ubuKrestu bokukolwa nguJesu abulula. Kwesinye isikhathi abalandeli bakaJesu babhekana nobunzima nezingozi. UJesu naye wabhekana nale-zizinto. Kwathi ekugcineni wabhekana nokufa uqobo, ukufa okunesihlungu esibi ukubethelwa. Njengabalandeli bakaJesu kudingeka sizimisele ukuhamba ngaleyondlela yakhe, futhi senze intandu yakhe noma kungabanzima kanga-kanani.

## INCAZELO YEGAMA ELITHI "NKOSI"

EBhayibhelini igama elithi "Nkosi" linencazelo ejulile. Lisho okunga-phezulu kwesikhundla-nje umuntu angasithola njengefa. Uma iBhayibheli lisebenzisa igama elithi "Nkosi" lisho lokhu. Uma umuntu eyinkosi yento ethile kusho ukuthi leyonto ingeyakhe, futhi unegunya eliphelele kuyona. Angenza akuthandayo ngayo.

Uma uthenga ibhayisikili, lingelakho, uba ngumnimlo, uyinkosi yalelobhayisikili. Unegunya lokusho ukuthi limelwe ukusetshenziswa ka-njani, nokuthi kwenziweni ngalo. Make sicabange ngobuKhosi bukaJesu Krestu.

## UJESU UYINKOSI YAWO WONKE AMAKRESTU

Sifuna ukubonisa izizathu ezimbili ezenza ukuba uJesu abe yiNkosi yalowo nalowomKrestu.

1. UJesu uyiNkosi yawo wonke amaKrestu ngoba wakhokha intengo yokuhlenga yilowo nalowomKrestu esonweni nasekwahlulelweni okungunaphakade. Ku-1 Korinte 6:19-20; sifunda lamazwi: "Anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya Ongcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na? Ngokuba nathe-ngwa ngenani elikhulu." Sifunda futhi ngalendaba ku-1 Petru 1:18-19.

   "Nazi ukuthi anihlengwanga ekuhambeni kwenu okuyize enakunikezwa ngawoyihlo ngezinto ezibhubhayo, isiliva negolide, kodwa ngegazi elinqabileyo likaKrestu." Ngakhoke siyabona ukuthi uJesu unegunya phezu kwempilo yalowo nalowomKrestu ngoba wasithenga ngamunye ngokufa kwakhe esiphambanweni.

2. UJesu uyiNkosi yalowo nalowomKrestu ngoba yilowo nalowo ophendukayo, usuke amukela uJesu njengoMsindisi neNkosi yakhe. Enye yezinto eyayidingeka kumKrestu ezinsukwini zeTestamente Elisha kwakuwukumvuma uKrestu njengeNkosi. Funda kwabaseRoma 10:9. Siyabona ukuthi wonke amaKrestu ayebuhlonipha ubukhosi bukaJesu uma sifunda ku-1 Korinte 8:6: "Nokho kithina kukhona uNkulunkulu munye, uYise, okuvela kuye konke, nathi sikhonela yena, neNkosi yinye, uJesu Krestu, okungaye konke, nathi sikhona ngaye."

## AMAKRESTU AMELWE UKUMTHOBELA UJESU NJENGENKOSI

Abanye abantu bafuna ukumvuma uJesu njengeNkosi ngomlomonje kuphela. UJesu akakwamukeli lokhu. KuLuka 6:46, uJesu ubuza umbuzo: "Ningibizelani ngokuthi: Nkosi, Nkosi, ningakwenzi engikushoyo na?" UJesu wakhuluma futhi ngalendaba kuMathewu 7:21, "Asibo bonke abashoyo ukuthi Nkosi, Nkosi, abayokungena embusweni wezulu, kuphela owenza intando kaBaba osezulwini."

Umuntu osemamukele ngokweqiniso uJesu njengo Msindisi wakhe, lowo usemamukele futhi uJesu njengeNkosi yakhe. UmKrestu uma ese-bonisiwe intando kaNkulunkulu mayelana nento ethile empilweni yakhe, uzozama ukuvenza leyonto. Asinakuzibala zonke izinto uJesu afuna ukuba sizenze. Kodwa sizothinta ezimbalwa.

1. UJesu ufuna ukuba umKrestu amvume njengo-Msindisi neNkosi yakhe. UmKrestu akufanele abenamahloni ngoJesu. (Mathewu 10:32-33)
2. UJesu ufuna ukuba impilo yomKrestu iphilwe ngendlela ezokwenza ukuba abantu badumise uNKulunkulu. (Mathewu 5:14-16)
3. Umsebenzi owenziwa. nemidlalo ayidlalayo umKrestu ifanele ibe sentandweni kaNkulunkulu. (1 Korinte 10:31)
4. UJesu unohlelo ngomshado womKrestu nangendlela afanele ukuphila ngayo emzini wakhe. UmKrestu ufanele ukufunda

iBhayibheli, enze njengoba lisho. Qala ngokufunda abaseEfesu 5:22-33; 6:1-4.

5. UJesu ufanele abe yiNkosi yemali yomKrestu. Okweshumi kwemali yomKrestu makunikelelwe umsebenzi kaNKulunkulu. Funda kuMa-hewu 23:23; Malaki 3:8-12. Leyomali esele mayisetshenziswe ngendlela ezomthokozisa uNkulunkulu.
6. UJesu ufanele abe yiNkosi yesikhathi somKrestu. UmKrestu akufanele ukuba abematasatasa ngezinye izinto aze aswele isikhathi sokufunda iBhayibheli (2 Timothewu 2:15), isikhathi sokuthandaza (Mathewu 26:41), nesikhathi sokuya enkonzweni (AmaHeberu 10:25).
7. UJesu ufuna ukuba yilowo nalowomKrestu afakaze ngaye uJesu nangendlelayensindiso. Funda kuMathewu 28:19-20.
8. UJesu ufuna ukuba yilowo nalowomKrestu abhabhadiswe, abese ezi-ikela abe yilunga lebandla. Funda ukuthi labo bakwenza kanjani labo abasindiswa ngezinsuku zeTestamente Elisha. (IZenzo 2:37-47)

## NGOSUKU LOKUGCINA BONKE ABANTU BAYOMVUMA UJESU NJENGENKOSI

Yiqiniso ukuthi abantu abaningi bayenqaba ukumamukela uJesu njengoMsindisi neNkosi yabo. Abanye baze bamhleke umKrestu ophila ngendlela efunwa nguJesu Krestu. Ngolunye usuku bayozibona lababantu ukuthi bebesephutheni elingakanani. Funda kwabaseFilipi 2:5-11. Uma sebe-ika phambi kukaJesu ngosuku lokwahlulela, sebembona esehleli ekwaluleleni, bayolibona iphutha labo. Kodwa isikhathi sokuphenduka sobe sesidlulile.

Ngalolosuku lokugcina uJesu uyokwamukela labo abamamukela njengoMsindisi neNkosi yabo ngesikhathi besaphila lapha emhlabeni.

## IBANESIQINISEKO SOKUBA UFUNDE WONKE LAMAVESI

| | | |
|---|---|---|
| kwabaseFilipi 2:5-11 | 1 kaPetru 1:18-19 | uLuka 9:23 |
| uMathewu 28:19-20 | 1 kwabaseKorinte 6:19-20 | uMathewu 7:211 |
| kwabase Korinte 8:6 | kwabaseRoma 10:9 | uLuka 6:46 |
| uMalaki 3:8-10 | 2 Thimothewu 2:15 | uMathewu 5:14-16 |
| uMathewu 10:32-33 | uMathewu 23:23 | amaHeberu 10:25 |
| 1 kwabaseKorinte 10:31 | uMathewu 26:41 | iZenzo 2:36-47 |
| kwabaseEfesu 5:22-33 | kwabaseEfesu 6:1-4 | |

ISIFUNDO 11

# UJESU UNGUMAHLULELI

**Ivesi lokukhujulwa ngekhanda:** *"Ngokuba noYise kahluleli-muntu, ukunike iNdodana konke ukwahlulela."* Johane 5:22

## ISINGENISO

Abantu abaningi bangamangala ukwazi ukuthi sebeziphethe njenga-bahluleli kulezizinsuku. Kuliqiniso lokhu. Zonke izinsuku abantu bayezwa ngoJesu Krestu. Bayezwa ukuthi uJesu wabafela kanjani nokuthi bamelwe ukuba baphenduke bamamukele njengoMsindisi neNkosi yabo. Besanquma ukuthi bazokwenzani ngoJesu, ngalesosikhathi baziphatha njengamajaji kuJesu. Abanye banquma ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi wafela izono zabo, bese beyaphenduka bamethembe. Abanye banquma ukumdela uJesu.

UBhayibhelini sifunda ngendoda eyahlulela uJesu. Igama lakhe, kwakunguPilato. Walizwa icala ayethweswe lona uJesu. Wayesebuza wathi: "Ngenzeni ngoJesu othiwa nguKrestu na?" Ngesikhathi isixuku esasi-thukuthele simemeza sithi makabethelwe, uPilatu wavumelana nabo ukuba uJesu abulawe. Wenze iphutha lokuvumela izitha zikaJesu zimtshele ukuthi umelwe ukwenzenjani ngoJesu iNdodana kaNkulunkulu.

Noma abantu bemahlulela uJesu kulezizinsuku, iBhayibheli liyasitshela ukuthi luyeza usuku lapho uJesu eyokwahlulela abantu bonke. Make sibone ukuthi iBhayibheli lisitshela ukuthini ngoJesu enguMahluleli. Sisahlolisisa lemibuzo sengathi zingavuleka izingqondo zethu mayelana nokwahlulelwa. Masikhumbule ukuthi iBhayibheli alinisiki yonke imininingwane ephathelene nokwahlulelwa okuzayo – akuyona injongo yeBhayibheli leyo. IBhayibheli lisitshela ngokwahlulelwa okuzayo ukuze sikulungiselele. Into ebalulekile ukuba sazi indlela esingazilungiselela ngayo mayelana nokwahlulelwa, hayi imininingwane yokuthi kuyobanini njalonjalo.

## UJESU UZOBAVUSA BONKE ABANTU NGOSUKU LOKUGCINA

Funda ngokucophelela kuJohane 5:26-30. Make sibheke amanye ama-qiniso afundiswa yilamavesi.

1. UNkulunkulu unikele kuJesu igunya lokwahlulela. (Johane 5:27)
2. Ukwahlulela kukaJesu kuyoba okulungileyo. (Johane 5:30)
3. Bonke abantu bayovuswa ukuze beme ekwahlulelwen. Abakhulu nabancane bayoba khona, Abacebile nabampofu, abalungile nababi bayoba khona nabo. Zonke izizwe ziyoba khona IBhayibheli lithi; "Bonke abasemathuneni bayovuka" (Johane 5:28-29)

## BONKE BAYOHLANGANA PHAMBI KWESIHLALO SOKWA-HLULELA

Funda ngokuqaphela kuMathewu 25:31-46 neSambulo 20:11-15. Liyaphinda futhi iBhayibheli lisitshela ngokucacileyo ukuthi bonke bamelwe ukubonakala phambi kwesihlalo sokwahlulela. Akakho noyedwa oyophu-nyuka. Make sibone ezinye izinto eziyokwenzeka ngalesikhathi.

1. **Kuyoba khona ukwahlukaniswa.** Mathewu 5:32-33. Lokhu kwahlu-kana kuyothathelwa kulokho abantu abayikho kwezikaMoya. Ebhayi-bhelini izimvu zisetshenziswa ukufanekisa labo abangamaKrestu, izi-mbuzi zisetshenziswa ukufanekisa labo abangasindisiwe. Bayahlukani-swa ngaphambi kokuba kube khona izvvi elishiwoyo kubo mayelana nemisebenzi yabo emihle nemibi. Bafakwa komunye umhlambi walena emibili ngenxa yalokho abayikhona. UKrestu uthi make sibheke imise-benzi yalemihlambi emibili. Imisebenzi yabo iveza isimo sabo sokuthi basindisiwe noma qha. Izenzo zabo, havi amazwi abo, ichaza isimo sabo kwezikamoya.

   KwiSambulo 20:11-15 siyatshelwa futhi ukuthi kuyoba khona ukwa-hlukana. Kodwa-ke lapha kusetshenziswa omunye umfanekiso. Imi-sebenzi yabo bonke abangasindisiwe iyobe ibhalwe encwadini, bayo-kwahlulelwa ngokwcmisebenzi yabo AmaKrestu ayobe bebhaliwe ama-gama awo eNcwadini Yokuphila

   Kukhona into enye ekufanele siyiqonde singakaqhubekeli phambili. Ngeke kube khona amaphutha kulokhukwahlulelwa. Onke amaqiniso aphathelene nalowo owahlulelwayo ayobe ebekwe obala. UJesu uqobo lwakhe uyena oyobe enguMahluleli.

2. **AmaKrestu ayonikwa ukuphila okuphakade.** UJesu ukubeka ngokusobala ukuthi labo amagama abo abhaliwe eNcwadini Yokuphila, bayongena ekuphileni okungunaphakade kanye naye. Labo abama-mukele uJesu njengoMsindisi neNkosi beselapha emhlabeni naye uyobamukela ngalolosuku.

3. **Labo abangewona amaKrestu bayokwahlulelwa ngokwemisebenzi yabo, balahlwe echibini lomlilo.** Amanye amavesi eBhayibheli asifu-ndisa ukuthi umuntu wahlulelwa ngoba ehlulekile ukukholwa egameni likaJesu. Funda

kuJohane 3:18. Masiyicabange ngalendlela. Mhlawumbe umuntu othile enze icala. Abese eyaboshwa ema phambi komahluleli. Umahluleli abese uyalizwa lelicala, abesethola ukuthi lomuntu unecala. Abesethi lomuntu makakhokhe inhlawulo ka-R50.00, noma afakwe ejele. Mhlawumbe umhlobo wonecala uthi uzomkhokhela leyonhlawulo, kodwa-ke lomuntu abese enqaba ukuba kube khona ozomkhokhela inhlawulo.

Abese ethi umanluleli: "Yebo uma unqaba usizo ufanele ukungena ejele." Lomuntu abesefakwa ejele. Omunye umuntu angaxoxa ngale-licala athi: "Lomuntu ufakwe ejele ngenxayecala alenzileyo." Omunye angaxoxa athi: "Lomuntu ufakwe ejele ngoba enqabe usizo abezoluthola komunye" Bobabili labababantu bakhuluma iqiniso. Lomuntu ugwetshwe ngecala alenzileyo. Ube kulesisigwebo ngenxa yokuba ulunqabile usizo.

Kunjalo ngomuntu olahlekileyo. Ujeziswa ngenxa yamacala akhe. UJesu wayikhokha inhlawulo yezono zalomuntu olahlekileyo, ngokumfela esipha-mbanweni. Uma lomuntu enqaba lokhu uJesu amenzele khona enqaba ukusindiswa uJesu amnika khona, lomuntu uzodonsa athwale isijeziso sakhe ngoba wenqabe usizo alunikiweyo.

Uma lomuntu edela uJesu khona lapha emhlabeni, ngolunye usuku uyokuma phambi kukaJesu. UJesu uyoba nguMahluleli wakhe ngalolosuku. Uma lomuntu enqabile lokho uJesu amenzele khona, khonake uJesu njengoMahluleli olungileyo naye uyomnqaba ngalolosuku. Uyophonswa echibini elivutha umlilo – indawo yokujeziswa okungunaphakade.

## IBANESIQINISEKO SOKUBA UFUNDE WONKE LAMAVESI

| | |
|---|---|
| uJohane 5:22, 26-30 | uMathewu 25:31-46 |
| uJohane 3:18 | iSambulo 20:11-15 |

ISIFUNDO 12

# UJESU UYISIPHO ESIVELA KUNKULUNKULU SABANTU BONKE

**Ivesi lokukhujulwa ngekhanda:** *"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade."* Johane 3:16

## ISINGENISO

Ekuqaleni impela uSathane waholela oAdamu noEva esonweni nga-manga. Yebo, babe necala oAdamu noEva ngoba bakhetha ukukholwa ama-nga kaSathane kunokuba bakholwe iqiniso likaNkulunkulu. Nanamhlanje uSathane usabakhohlisa abantu. Amanga awakhulumayo namhlanje lapha eAfrika uSathane yilawa: "UJesu unguNkulunkulu wabelungu, hayi abansudu." Laba abalalela futhi bakholwa yilamanga bayolahlwa ingunaphakade.

Labo abakwaziyo ukucabanga, futhi abalifundayo iBhayibheli, bangeke bakhohliswa yilamanga. Siyazi sonke ukuthi munye uNkulunkulu. Ungu-Nkulunkulu wabantu bonke ngoba badalwe nguyena bonke. IBhayibheli liyasifundisa futhi ukuthi loNkulunkulu oyedwa unehlelo olulodwa lwensi-ndiso. Loluhlelo olwabo bonke abantu abasemhlabeni. Amakhosi nezindlo-vukazi uma bezosindiswa badinga ukuba baphenduke, bamethembe uJesu Krestu njengoMsindisi neNkosi yabo ngendlela efanayo nalabo abampofu. Uthisha ofundisayo eyunivesithi udinga ukuphenduka amethembe uJesu ngendlela efanayo nomuntu ongazange ake aye esikoleni. Umuntu onmyama, onsundu, ophuzi, nomhlophe, bonke kudingeka baphenduke bamethembe uJesu ngendlela efanayo munye uMsindisi, yinye indlela yensindiso.

USathane unamanga, uthi uJesu ungowabelungu bodwa. UNkulunkulu ukubeke obala eBhayibhelini ukuthi uJesu ubathanda bonke abantu.

## ABAPROFETHI BASHO BATHI UJESU UTHANDA BONKE ABANTU

Funda kuGenesise 22:18 nabaseGalathiya 3:16. Lelivesi elikuGenesisi lisifu-ndisa ukuthi kwakuyicebo likaNkulunkulu ukubusisa abantu bonke emhlabeni ngembewu noma inzalo kaAbraham. Lelivesi elikwabaseGalathiya lisitshela ngalesisithembiso ebesisifunda kuGenesisi. Kubekwe kwasobala kithina ukuthi 'lembewu' ezobusisa bonke abantu emhlabeni inguJesu Krestu. UNkulunkulu wakucacisa eTestamenteni Elidala ukuthi loMsindisi owathe-njiswayo ungowomlaba wonke.

KuIsaya isahluko 49 sifunda ngesiprofetho esimayelana noMsindisi othenjisiweyo. Sithola lamazwi mayelana nalona othenjisiweyo engxenyeni yokugcina yevesi 6: "Ngiyakukubeka ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso yami kuze kube semkhawulweni womhlaba." UJesu wathi ungu-kukhanya kwezwe. Asikungabazi lokhu – uNkulunkulu wahlela ukuba uJesu abe ukukhanya kokubonisa indlela yensindiso kubo bonke abantu abase-mhlabeni.

## IZINGELOSI ZATHI UJESU UNGOWABANTU BONKE

Funda kuLuka 2:10-11. Izingelosi zezaziphethe indaba uNkulunkulu ayezinike yona. Kuloludaba lwazo ezilunikwe nguNkulunkulu zibukeka obala ukuthi uJesu unguMsindisi, nokuthi ubathanda bonke abantu.

## UJOHANE UMBHABHADISI WATHI UJESU UNGOWABANTU BONKE

Ngesikhathi uJohane elungisela uJesu indlela wakhuluma lamazwi ngoJesu: "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe" Johane 1:29. UJohane wayeqonda kahle ukuthi uJesu akezanga ukuzosindisa isizwe esisodwa kuphela, UNkulunkulu wenza ukuba uJohane aqonde ukuthi uJesu uzoba nguMsindisi wabo bonke abaphendukayo bamethembe.

## UJESU UQOBO WATHI, UMYALEZO WENSINDISO UNGO-WABANTU BONKE

Ngaphambi kokuba anyukele ezulwini wakhuluma nabafundi bakhe wathi: "Hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise egameni lika-Yise, neleNdodana nelikaMoya oNgcwele" Mathewu 28:19. UJesu waye-tshela abafundi ukuthi umyalezo wosindiso wawungowabo bonke abantu emhlabeni

## UNKULUNKULU UNECEBO ELILODWA LENSINDISO KUBANTU BONKE

Make sikhumbule ivesi lethu lekhanda lalesisifundo. Johane 3:16. Kulona sifunda ukuthi uNkulunkulu ubathanda bonke abantu. Sifunda futhi ukuthi UNkulunkulu wanikela ngoJesu iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuze kuthi yilowo nalowo okholwayo uJesu angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.

USathane angazama ukwenza abantu ukuba bakholwe ukuthi uJesu uthanda isizwe esisodwa kuphela, kodwa-ke lawa ngamanga, aphikisana neqiniso uNkulunkulu asilundisa lona. UNkulunkulu ukucacisa ngokusobala eZwini lakhe ukuthi uJesu unguMsindisi wabantu bonke. Yilowo nalowo-muntu ophendukayo amethembe uJesu uzoba nokuphila okuphakade,

Masingakhohliswa ngamanga kaSathane. Masikholwe nguNkulunkulu.

**KUBALULEKILE**

**SIZA WUNDE IKHASI ELILANDELAYO, LIYISIMEMO SOKUMAMUKELA UJESU KRESTU NGOKUKHULU UKUQAPHELA NANGOMOYA WOKUTHANDAZA**

**IBANESIQINSEKO SOKUBA UFUNDA ONKE LAMAVESI**

| | |
|---|---|
| Johane 3:16 | uGenesis 22:18 |
| kwabaseGalathiya 3:16 | uIsaya 49:6 |
| uLuka 2:10-11 | uJohane 1:29 |
| uMathewu 28:19 | |

# ISIMEMO SOKWAMUKELA UJESU KRESTU

*"Konke angipha khona uBaba, kuyakuza kimi; ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle."* Johane 6:37

Usuqedile ukufunda izifundo eziyishuminambili. ngoJesu Krestu. Ufu-ndile eBhayibhelmi ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi nokuthi waku-fela ukuze akusindise ezonweni zakho. Mhlawumbe uyacabanga enhliziyweni yakho uthi: "Yebo, ngiyamazi uJesu ukuthi ungubani nokuthi wangenzelani, kodwa ngingamamukela kanjani ukuba abe nguMsindisi wami?"

Mangikuchazele.

1. Okokuqala, kufuneka uqonde ukuthi uJesu uyakuthanda, ufuna ukukusindisa kungakho akufela. Namuhla uyakwazi konke okusenhli-zyweni yakho, uyazi nangezono zakho. Uzokwazi futhi uma usuzishiya izono zakho, uze umamukele njengeNkosi noMsindisi wakho.
2. Kufuneka uguquke ngokweqiniso ezonweni zakho. Lokhu kusho ukuthi uyavuma ukuthi uyisoni, kukhona usizi oluyisimanga enhliziyweni yakho ngenxa yezono zakho, ngalokho ufuna ukuzishiya izono zakho ulandele uJesu. Ufuna intando kaJesu empilweni yakho ngaphezu kwe-yakho intando.
3. Uma ngabe lokhu kuyiqiniso, uJesu uselindile ukuba akwamukele futhi akusindise ezonweni zakho. KuJohane 6:37, uJesu usinika lezizithe-mbiso ezilandelayo uthi: "Konke angipha khona uBaba kuyakuza kimi; ozayo kimi angisayi kumlahlela ngaphandle."

NguNkulunkulu othumela uMoya oyiNgcwele ukuba akhulume enhlizi-yweni yakho. NguMoya kaNkulunkulu ofaka isifiso enhliziyweni yakho ukuba unguquke esonweni sakho uze kuJesu. Nxa ulilalela izwi likaMoya oyiNgcwele njengoba ekhuluma enhliziyweni yakho, uze kuJesu, uzakwa-mukela.

Guqa uthandaze lomthandazo kuJesu

*"Nkosi Jesu, Ngiyazi ngonile kuwe ngezikhathi eziningi. Ngiyazi ukuthi ngidukile ngenxa yezono zami. Anginawo amandla okuzisindisa. Ngiyazi futhi ukuba wafa ukuze ngisindiswe ezonweni zanu. Ngifuna indlela yakho ibe yindlela yami. Sengithemba wena ukuba ungisindise, njengalokho uthembisile ukukwenza. Ngiyacela ukuba ungithethelele kuzo zonke izono zami. Manje ngiphe amandla ukuze ngenze intando yakho. Ngokweqiniso unguMsindisi neNkosi yami. Amen."*

### Isinqumo sami ngoKrestu

Uma sewuwuthandazile lomthandazo obhalwe ngenhla, futhi sewu-mamukele uKrestu njengoMsindisi wakho, sifisa ukuba usazise ngalesisi-nqumo sakho sokuba ngumKrestu. Gcwalisa lefomu engezansi, uyikhiphe kuleliphepha, usithumelele yona kanye nemibuzo yakho yokuhlolwa.

Lezizifundo zeBhayibheli zingisizile ukuba ngimamukele uJesu njenge-Nkosi noMsindisi wami. Ngifuna ukuba nazi ngalesisinqumo engisenze enhli-ziyweni yami.

IGAMA ___________________________UBUDALA____________________

IKHELI LEKHAYA LAKHO______________________________________

IKHELI OPOSA NGALO__________________________________________

_______________________________________________IKHODI_________

Uma uthanda ukusho amazwi ambalwa ngalokho okuzuzile kulezizifundo, bhala kwelinye iphepha ukupose kanye nalelifomu lesinqumo sakho.